# *INKONZO YAMI ENTSHA*

Kulungile, Mfowethu Neville. Ngiyabonga, bazalwane.

2 Sanibona ekuseni, bangani. Impela kuyinhlanhla ukuba lapha kulokhu ukusa, etabernakele. Lapho . . .

3 Sesivele sigcwele manje, futhi silinde umhlangano omkhulu ozoqala eSan Jose, kuleliviki, e—eSan Jose, eCalifornia. Sizohamba masinyane emuva kwenkonzo, siye eWest Coast. Bese kuthi-ke sizoba sezansi eCoconut Gardens cishe izinsuku ezimbili, futhi, iNkosi ithanda, neChristian Business Men. Futhi silindele isikhathi esikhulu eNkosini, oGwini oluseNtshonalanga. Banamabandla angamashumi ayisishiyagalombili nambili ekuxhasweni, futhi zombili izinhlangano zaseSan Joaquin, nezigodi kwedlule oGwini oluseNtshonalanga. Futhi ngakho sisezinkundleni ezikahle lapho. Uma abanye babangani benu, niyazi, abangathanda ukwethamela ezinye zezinkonzo, singajabula ukuhlangana nabangani benu ne—nezihlobo zenu.

4 Futhi silindele. Nginokuhlola okukhulu . . . ukulindela, kulokhukusa, futhi kakhulu kunoma yimuphi umhlangano engike ngaba kuwo, okwamanje. Ngoba, ngikholwa ukuthi sisesikhathini esingaphambili nje sento ethile elungiselela ukwenzeka. Bengikulangazelele isikhathi eside. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi sisemaphethelweni ngqo akho manje, ento ethize, ukuthi uNkulunkulu uzosiza abantwana baKhe baqhubekele phezundlwana nomgwaqo.

5 Niyazi, iBhayibheli lasho, ukuthi, "Uma isitha singena njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu ubuyophakamisa ibhanela limelane naso."

6 Futhi uma uNkulunkulu enikeza iBandla laKhe isibusiso, futhi bayahambisana kuleso sibusiso isikhathi eside kangako size Sibe yinto ejwayelekile ezweni, khona-ke baqala ukuSehlisa. Khona-ke uMoya kaNkulunkulu uyangena futhi uphakamise ibhanela futhi, futhi kukhona ukuqubuka kwemvuselelo noma okuthize.

7 Futhi amathemba ethu amakhulu yilokhu, ukuthi, ngolunye lwalezizinsuku, uMoya kaNkulunkulu uzothumela emuva uJesu Kristu emhlabeni, khona-ke kuzophelela ngaleyonkathi. Lokho kuzoba ibhanela langempela.

8 Manje bamile nje, bazungeze i—izindonga nezinto, nakuyo yonke indlu. Ngihlangane nendoda ingena, ngenkathi ngipaka imoto yami, futhi yathi . . . ngathi, "Ngizoyishiya ihleli lapha, nokhiye, khona-ke ungaphuma noma ngasiphi isikhathi ofuna ngaso."

9 Wathi, "Awu, ngizamile ukungena. Angiyitholanga indawo yokuma."

10 Futhi ibandla lethu lincane kakhulu ukuthi lingaba nomhlangano. Kodwa sihamba namhlanje ekuseni...Futhi sikumemezele ngeSonto eledlule, ngokuba lapha, futhi besizoza ukuzokhulekela abagulayo. Futhi ukuninikeza imiyalo ethile kulokho ebesisanda kukubona kwenzeka. Futhi kube nokuningi, ngomusa kaNkulunkulu, okwengezwe kukho, okwalokhu ukusa.

11 Manje, sishumayelile, nabanye ngaphambi kwethu, ngokusondela kokuFika kweNkosi, ukuFika maduze. Futhi siyakholwa ukuthi Kusondela ngokukhula. Kusobala, Kunjalo usuku nosuku. Kodwa uma singama futhi sicabange, ukuthi, ngolunye lwalezizinsuku, nizolizwa okokugcina, bese kuthi-ke iNkosi uJesu izoza.

12 Wonke umhlaba, izihlahla, yonke imvelo, abantu, iBandla, yonke into, iyabubula, ikhala izinyembezi, ibambelele, ilindele lolo suku, lokuFika kwaKhe. Imvelo iyazi ukuthi kuzo—kuzomisa ukugula ngaleyonkathi. Futhi abantu bayazi ukuthi bazoyeka ukuhlupheka ngaleyonkathi. Ukufa kuzolahlekelwa ukubamba kwakho kokugcina, futhi ithuna nesihogo kuzogwinywa ekunqobeni.

13 Ngiye ngajabula kakhulu, namhlanje ekuseni, ukuhlangana nalomelusi omncane lapha obesidlalela umculo futhi wacula, ovela eSellersburg. Omunye wabafowethu ubelokhu ekhuluma ngemvuselelo eqhubekayo phezulu lapho. Futhi ngicabanga ukuthi sebevele bakumemezele, kanjalonjalo, ngakho-ke lokho kuhle kakhulu. INkosi mayibabusise phezulu lapho, kuwo wonke umzamo abawubeka ngaphambili, ngumkhuleko wami oqotho, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu.

14 Manje, iZwi leNkosi liyigugu kakhulu kithi. Siyakwazi lokho. Ngakho, namhlanje, ngikholwa ukuthi sisondele kakhulu ekuFikeni kweNkosi, futhi amasimu ayadinga kakhulu.

15 Kade nje ngikhuluma nabanye babazalwane. Ngiyakholwa ukuthi okukhulu kakhulu kwenkonzo yami kuzoba ngokukhonjwa ngapheshey kwezilwandle manje. Sihlela nge-Afrika, emuva nje kukaKhisimusi, nangapheshey e-Australia neziningi zezindawo. INkosi iyahamba manje futhi isivulela izindlela. Sibe nezimemo, emhlabeni jikelele, okwesikhathi eside. Futhi singahle sikwazi ukuthatha lokho emva ngqo kukaKhisimuzi manje, uma nonke nizosikhulekela.

16 Manje ngineZwi likaNkulunkulu lapha phambi kwami livuliwe. Manje ngiphenye amakhasi ngawabuyisela emuva, ngoba, ngokwenyama, nangosizo lukaNkulunkulu, ngiyakwazi ukwenza lokho, ukudonsa ngivule iBhayibheli. Kodwa angikwazi ukuvula okuqukethwe. Kukhona Oyedwa kuphela Ongenza lokho, futhi lowo nguNkulunkulu, yedwa.

KwakuNguye OwaLilobayo, ngoMoya waKhe oNgcwele, futhi Nguye kuphela ongasivulela iBhayibheli. Futhi ngiyethemba ukuthi Uzovula izinhliziyo zethu ngenkathi sisaLifunda, futhi uzoLenza laziwe kithina.

17 Ngizoba mfishane nje, kulokhukusa. Kuqala, ngifuna ukwenza njengoba ngethembise ukwenza, ukunitshela nonke okusanda kwenzeka ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, maqondana nokuguquka kwenkonzo yami. Bese kuthi-ke, nginengqikithi emfishane, bese-ke sikhulekela abagulayo. Futhi ngiyakholwa ukuthi kukhona umbhaphathizo, ngoba ngibone ichibi ligcwalisiwe.

18 Kodwa ngaphambi kokuba siqhubekele phambili, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje ngomkhuleko. Futhi ngiyazibuza, bangaki abantu phakathi lapha abanokuzwa ukuthi nidinga uNkulunkulu, futhi beningaziphakamisa izandla zenu kuNkulunkulu na? Futhi nithi, kakhulu ekwenzeni lokho, "Ngikhumbule, Nkosi. Nginesidingo sezinto ezithize-thize."

Asikhuleke.

19 O Nkosi, buthule, siyabona ukuthi sifanele size buthule eBukhoneni bukaNkulunkulu. "Ngoba lowo oza kuNkulunkulu ufanele akholwe ukuthi Ukhona, nomvuzi walabo abazoMfunisisa." Futhi siza ngokuthula kukaMoya, esiHlalweni saKho sobukhosi, O Nkulunkulu. Futhi siphakamisa izinhliziyo zethu phambi kwaKho, futhi sithi, "Bahlole, O Nkosi." Futhi uma kukhona noma yini engcolile kithi, kususe, Nkosi, ngokuqhela njengoba injalo iMpumalanga ukusuka eNtshonalanga. Futhi uma kukhona noma yibuphi ububi ezinhliziyweni zethu, into ethize ebingavimba imikhuleko yethu ekutheni iphendulwe, sikhulekela ukuthi Uzovumela iGazi leNkosi uJesu lisuse lonke ibala lisuke emoyeni wethu nasenhliziyweni yethu. Ngokuba kulotshiwe ukuthi, "Uma ngemukela ububi enhliziyweni yami, iNkosi ayiyikungizwa." Futhi Uzibonile izandla lapho ziphakama, ukuthi, emehlweni ethu enyama, bezimelele isidingo sezinhliziyo zabo. Siyakhuleka, O Nkosi, ukuthi Uzophendula ngamunye wabo. Baningi abadingayo.

20 Futhi sizocela, ebandleni labantu namhlanje ekuseni, ukuthi Uzowukhumbula lomhlangano weSan Jose ozayo. Sisize, O Nkosi, njengoba amakhulu amamayela eqhwa no-ayisi kulele phambi kwethu, ukuhamba. Kodwa sihamba eGameni leNkosi, ukuzama ukwenza konke okubekwe kithina, ukusiza abantu baKho, Nkosi, siza abalahlekile ukuthi baKuthole njengoMsindisi wabo, nokusiza ababuthakathaka nabaphuphuthekile, nokwenza bushelelezi indlela yabanye abazosilandela.

21 Busisa ibandla lethu elincane nomelusi walo, uMfowethu Neville, bonke abaphatheli, abadikoni, namalunga nje ebandla, nabo bonke othisha, nabo bonke abaxhumene nebandla. Kungesikho lokho kuphela, kodwa onke amabandla amelwe lapha. Ngenxa yalezozinsizwa ebabambelele isikhathi eside eSellersburg, sizocela, Nkosi, ukuthi isandla saKho singaluleleka kubo, Nkosi. Kwangathi Ungavusa iBandla elinamandla likaNkulunkulu ophilayo, eSellersburg. Siphe khona, Nkosi.

22 Phulukisa abagulayo, unikeze ukubona ezimpumputheni, amandla kwababuthakathaka, nensindiso kwabadingayo.

23 Njengoba sifunda iZwi laKho, kulokhu ukusa, kwangathi uMoya oNgcwele ungafika, ungene eZwini futhi bese uLiphilise ezinhliziyweni zethu.

24 Busisa labo abazobhaphathizwa. Kwangathi bangagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, lapho bevuka bephuma emanzini, benikeza uNkulunkulu udumo. Zitholele udumo qobo lwaKho, Nkosi.

25 Futhi njengoba sibuthene, namhlanje ekuseni, okokuhlanzwa kwemiphefumulo yethu nemicabango yethu, kwangathi singashiya lelitabernakele, namhlanje ekuseni, ngokuphikelela okukhulu kunalokho esake saba nakho, ukuKukhonza. Kwangathi singaphila, sibuthane ndawonye, silukwe ngokusondele futhi siboshwe nguMoya oNgcwele, kuze kube yilolosuku lapho sihlangana eNdlini yaKho eNkazimulweni, ngasesiHlalweni saKho sobukhosi, lapho izigidi ziyobe zicula, "Hosana! Hosana!" Sengathi sonke singaba lapho, ngaphandle kokungabibikho koyedwa. Siphe khona, Nkosi. Kuze kube yilesosikhathi, sigcine siphilile, sijabule, futhi sigcwaliswe ngoMoya waKho, siKukhonza. Lezizinto sizicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

26 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso, njengoba sifunda manje eNcwadini kaMarku oNgcwele, isahluko se 11, siqala ngevesi 1. Bese kuthi-ke emva kwalesi sicaphuno esincane nje, noma umyalo, khona-ke ngizoya engqikithini yethu. Lokhu ukufundwa kwalokho engifuna ukunitshela khona.

*Kwathi ukuba beze . . .*

27 Ngiyaxolisa. Ngifuna ukuqala evesini le 10, ukonga isikhathi, ivesi le 10 lesahluko se 11.

> *Ubusisiwe ozayo kababa wethu uDavide, ozayo egameni leNkosi: Hosana kweliphezulu.*
>
> *UJesu wangena eJerusalema, waya ethempelini: esekubukile konke* nxazonke, *futhi manje . . . sekuhwalele,* futhi *waya eBethaniya kanye nabayishumi nambili* bakhe.

*Nangomuso, ekuphumeni kwabo eBethaniya, wayeyi* ndlala:

*Wabona umkhiwane ukude unamaqabunga, wasondela, ethi mhlawumbe angathola utho kuwo: esefikile kuwo, akafumananga lutho; amaqabunga odwa, ngokuba kwakungesiso isikhathi samakhiwane.*

*. . . UJesu waphendula wathi kuwo, Akungabe kusadla noyedwa isithelo kuwe kuze kube phakade. Abafundi bakhe bakuzwa.*

*Bafika eJerusalema: uJesu wangena ethempelini, waqala ukuxosha abathengisayo nabathengayo ethempelini,* wagumbuqela *amatafula abashintshelana imali nezihlalo zabathengisa ngamajuba.*

*Wayengavumi ukuba umuntu adabule ithempeli ethwele isitsha.*

*Wafundisa, wathi kubo,* Ku*. . . Akulotshiwe yini ukuthi, indlu yaMi iyakubizwa ngokuthi indlu yokukhuleka yezizwe zonke na? kepha* nina *niyenze umhume wabaphangi.*

*Ababhali nabapristi abakhulu bekuzwa lokho, bazindla ngokuthi bangambhubhisa kanjani: ngokuba bamesaba, lokhu . . .* ba*mangala ngokufundisa kwakhe.*

*Seku*hwalele, *waphuma emzini.*

*Ekuseni, bedlula, babona umkhiwane womile kusukela ezimpandeni.*

*UPetru ekhumbula* washo *kuye, Nkosi, bheka, umkhiwane* owuqalekisile, wona *ubunile.*

*. . . uJesu waphendula* washo *kubo, Kholwani nguNkulunkulu.*

*Ngiqinisile ngithi kini, Yilowo nalowo oyakuthi kulentaba, Nqukuleka, uphonseke elwandle; engangabazi enhliziyweni yakhe, kepha ekholwa ukuthi lokho akushoyo kuyenzeka; uzakuba-nakho akushoyo.*

*Ngalokho ngithi kini, Konke enikucelayo,* uma nikhuleka, *kholwani ukuthi nikwamukele, nizakuba-nakho.*

28 Isithembiso esinomusa esinjena pho! Futhi kuyiQiniso ngoqobo. Lokhu kungithikamezile, noma njengoba ngifanele ngisebenzise leso sisho, isikhathi eside. "Bekungenzeka kanjani lokho na?"

29 Futhi ngesinye isikhathi, ngenkathi ngiqala ukushumayela lapha etabernakele, eminyakeni eminingi edlule, ngagijimela egameni lesi*hogo*. Futhi ngagijimela ekukhombeni kukho, izikhathi eziningi, futhi lalikhomba e*hayidesi*, ngesiGreki, okwakusho, "ithuna." Futhi angazanga ukuthi ngithini, ngoba

angifuni ukubophezeleka ngemiphefumulo yabantu ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngakho-ke ngakuhlola, futhi ngahlola, ngaze ngathola ukuthi kwakuyini iQiniso. Cishe iminyaka emine noma emihlanu, bengingayithinti indaba yesihogo, ngaze ngathola ukuthi kwakuyini iQiniso mayelana nakho.

30 Futhi khona-ke lomBhalo ungithikamezile, ngisho kakhulu, ngoba ubugqamile, isithembiso esinje esingenziwanga nangoyedwa ngaphandle kukaJesu Kristu. Futhi ngenkathi Ethi kubafundi baKhe, "Noma yini eniyishoyo, ningaba nayo. Uma nithi kulentaba, 'Siphuleka futhi nqukuleka ungene olwandle,' futhi ningezukungabaza enhliziyweni yenu, kepha nizokholwa ukuthi enikushilo kuzofezeka, ningabanakho enikushilo." O, ukube besingawabala lawomaZwi! "Ungaba nakho *wena* okushoyo. Hhayi lokhu engikushoyo mina, kodwa lokho *wena* okushilo. Ungaba nakho okushilo."

31 Iminyaka, ngabambezeleka kulokho. Ngiye kuzo zonke izinqubo nezihlaziyo, konke ukuhumusha, ngisho nasehumushweni likaDouay. Futhi wonke umhumushi ukuhumusha ngokufanayo, "Ungaba nakho okushoyo." Ngakho, ngiyakwazi lokho, uma kulotshiwe emBhalweni. Kimina, wonke umBhalo uyiQiniso. Futhi uma ngingeke ngiWuhlukanise ngokufanele, Usalokhu uyiQiniso.

32 Ngakho-ke ngiyakholwa, ngezinye izikhathi, ukuthi uNkulunkulu uyasivumela nje sibone izinto uma kuyisikhathi sethu sokubona izinto. Uyazibamba lezizibusiso. Njengezibusiso esizijabulelayo namuhla, okhokho bethu abazijabulelanga lezo. Uma kwakungesiyo inkathi yabo.

33 Bengingakhumbula ngenkathi uMoya oNgcwele . . . ngalobobusuku lapho ngibuyela emuva kulelodeski elifanayo, ngisuka esigayweni, lapho ngangikade ngikhuleka khona. Futhi nginitshelile abaningi benu bantu abahlezi lapha, ukuthi Wayengiyalile, ngoMoya waKhe, ukuthunywa ezweni lonke, ukuthi, "Izinyonga ziyohamba, nezimpumputhe ziyobona, namakhosi namakhosi amakhulu ayobe ebiza umkhuleko. Futhi kuzoqala imvuselelo phakathi kwabazalwane, ezoshanela ezweni wonke, ngaphambi kokuFika kweNkosi."

34 Kwakunzima ukukholwa lokho. Kwakunzima kimi ukukukholwa. Kodwa yilokho okwenzekile. Kwenze nje leyonto. Kuze kube, namuhla, imililo yemvuselelo kaMoya oNgcwele iyavutha, emhlabeni jikelele: ENdiya, e-Afrika, e-Ashiya, konke kuyongena eYurophu, nakuyo yonke indawo. Amadoda kaMoya oNgcwele, agcwaliswe ngoMoya, ashisa umhlaba, ngemvuselelo yaMandla kaKristu ovukileyo; Izinyonga ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, izithulu ziyezwa, izimungulu ziyakhuluma. Zonke izinhlobo zezimangaliso ezimangalisayo ziyenzeka, ngoba uNkulunkulu wakwethembisa. Futhi isethembiso sikaNkulunkulu siyiqiniso.

35 Futhi lapho ngiqala ukuzindla ngalokhu, angikwazanga kodwa ngacela Lowo Obekhuluma nami, "Ngangingenele." Ngicabanga ukuthi uNkulunkulu wayefanele akhethe othile omncane, onganakiwe, umuntu ongafundile, ngoba, kulokho, Yena, uNkulunkulu, uthatha okuthile okungelutho, okuthile okukhishelwe ngaphandle.

36 Yilokho okungenza ngithande abantu bakaNkulunkulu kanjalo. Bayabakhipha, nje "ngabagingqiki abangcwele, noma abantu abangamavezandlebe." Kodwa yilapho uNkulunkulu elungele ukubacosha ngaleyonkathi futhi enze okuthile ngabo. Futhi kuyaMthokozisa. Lokho kukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu, uthatha okungelutho futhi enze okuwutho ngakho. Uthatha isoni esinjengami, futhi enze umKristu; isandla sikaNkulunkulu.

37 NgaMbuza ngekhono. Futhi Wangitshela ukuthi ngangizokhulekela abantu abagulayo. Futhi umyalo wawungukuthi, "Thola abantu ukuba bakholwe futhi babeqotho, khona-ke akukho lutho oluyoma ngasemkhulekweni." Abaningi benu lapha bayakukhumbula lokho. Kubhaliwe ezincwadini efundwayo, ezweni jikelele.

38 Ngabuza, "Ngingakwenza kanjani lokho lapho ngingenamfundo na?"

39 Wathi, "Kuyoba nezibonakaliso ezimbili oyonikezwa zona, njengalokho zanikwa uMose. Futhi esinye sazo sizoba ngokuthi, njengesandla sikaMose, Wasiguqula sisuka ochokweni saya ekuphulukisweni." Futhi—futhi-ke okufanayo kwenzekile, ngokubeka isandla sami kubantu, futhi-ke lokho kwazibonakalisa kanjani qobo lwakho. Khona-ke wathi, "Uyokwazi zona kanye izimfihlo zenhliziyo yabo."

Futhi nga—ngathi, "Yingakho ngilapha."

40 Wathi, khona-ke, Wangichazela imiBhalo. Futhi, o, kusukela ngalesosikhathi, iBhayibheli liba yiZwi elisha kimi. Ngibe nokubuka okwehlukile kuLo, umbono ohlukile waLo. Kukhona okwenzekile.

41 Khona-ke, emuva kwesikhashana, Wathi, "Khona-ke uma uzoba qotho, uhlale uthobekile, uziqhelelanise nemali nezinto," wathi, "khona-ke Kuyoqhubeka kukubusise, futhi uzolokhu uqhubeka ukhuphuka."

42 Kukangaki sibuka amadoda akhuphuka ezikhundleni ezinkulu, njengokuthi, futhi athole amagama aphakeme, kodwa ngezinye izikhathi akusikho lokho uNkulunkulu akubiza ngokuthi kuphakeme.

43 Niyakhumbula ngenkathi uJohane, lapho wayefikile eshumayela na? IBhayibheli labikezela, ukuthi, "Zonke izintaba zazizothotshiswa, nayo yonke indawo ephansi iyophakanyiswa." Niyabo? Futhi lapho kufika, ubuyocabanga ukuthi bekuzobe

kuphuma eZulwini ngezinqola zomlilo. Kodwa kwakuyini ngaphandle kwendoda empofu egqoke isiqeshana sesikhumba semvu ezisonge ngaso, futhi ngaphandle osebeni lweJordani, ishumayela. Osebeni olunodaka, hhayi ngisho ebandleni, kodwa uNkulunkulu wakubiza lokho ngokuthi "kukhulu."

44 Futhi ngenkathi uJesu esho kubafundi, ukuthi, "Wayengekho noyedwa ozelwe ngowesifazane omkhulu njengoJohane umBhaphathizi." Thatha wonke amakhosi, noDavide, umprofethi, nabo bonke ubukhazikhazi baKhe obukhulu kuSolomoni, abazange ngisho bamthinte uJohane. Futhi, nokho, wayengenayo ngisho indawo yokucamelisa ikhanda lakhe.

45 Ngakho-ke, awudingi ukuthi ucebe futhi ube namandla amakhulu kulomhlaba, ukuze ube mkhulu emehlweni kaNkulunkulu. Ufanele ube nokuthobeka kuphela enhliziyweni yakho. Futhi uNkulunkulu ubiza lokho "ngobukhulu," lowo omkhulu ngokwanele ukuba azithobe. Lowo ngumuntu omkhulu, ozo—ozothatha isijeziso ngakho konke, ozozithoba. Lobo ubukhulu.

46 Khona-ke siyathola ukuthi, yilokhu uNkulunkulu akusho. Khona-ke kwamenyezelwa kusuka epulpiti lapha, okokuqala. Kwenze khona impela eLathi Laliyokwenza. Nakho kukhuphuka ibandla lePentecostal, labamba imvuselelo. Futhi, namhlanje, ibandla lePentecostal liyibandla elikhula ngesivinini esedlula zonke emhlabeni wonke. Ngonyaka odlule babhalise... Lokho akusifaki thina na—nalawa aphuma emahlelweni... Isigidi namakhulu amahlanu ezinkulungwane abaphendukile, ngonyaka odlule, okufake onke amaProtestani, ebekwe ndawonye, nobuKatolika, nabo. UbuKatolika kuphela bebunabangu, ngiyakholwa, izinkulungwane ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa nanhlanu, into enjalo, abaphendukile, emhlabeni jikelele. Kodwa iPentecost liye esigidini namakhulu amahlanu ezinkulungwane. UNkulunkulu ulungiselela iBandla laKhe.

47 Amadoda angafundile, amazinga aphansi, avukela ekugcobeni ngaMandla kaMoya, aphuma engenamfundo noma nanoma yini, futhi amemezele izingcebo ezingaphenyekiyo zikaKristu. Yilokho okukhulu emehlweni kaNkulunkulu.

48 Futhi siyaqaphela, khona-ke, ukuthi zonke lezizinto zibasa umlilo, noMoya oNgcwele wawuqinisile eZwini laKhe.

49 Ngemuva cishe kweminyaka emihlanu yokubamba abantu ngesandla, khona-ke ngobunye ubusuku, eQueen City, eRegina, eCanada, indoda yahamba yanqamula emsamo, futhi lapho yabeka impilo yayo ivulekile nje njengoba kungenzeka, ngaphambi kukaMoya. Kwakukhona ukwehlukaniswa ngokubona okufihlakeleyo, njengoba Ethembisa. Lokho bekusemhlabeni jikelele. Kubhaliwe ngeziningi, izilwimi

eziningi, cishe impela emhlabeni jikelele, kuze kuthi wonke umhlaba uyazi ngakho. Khona-ke isitha siyangena futhi sahlekisa ngakho, futhi sathi, "Bekungukufunda umqondo." Futhi kwakukhona ukuzifanisa nomunye okufikayo kwakho, nakho konke okunye. Kodwa phakathi kwakho konke, uNkulunkulu waqhubekela phambili ngqo, ngokufanayo nje. UNkulunkulu wahlala ngeqiniso esithembisweni saKhe esiqotho. Uzokwenza, ngasosonke isikhathi.

50 Manje siyathola, kamuva, khona-ke, ngeliny'ilanga ngangiyo—yodoba, ezansi eDale Hollow, namanye amadoda, uMnu. Wood nomfowabo. Futhi babengoFakazi bakaJehova, futhi babesanda kuphenduka nje futhi babhaphathizelwa ekuKholweni. Futhi ngenkathi sasisadoba, ngale sencike usebe . . . Nginixoxelile indaba, kaningi. Lapho uMnu. Wood wathi, uBanks Wood, lowo, omunye wabaphatheli bethu lapha manje, washo ngomunye udade osekhulile owayejwayele ukubaphakela ucezu lwesinkwa esenziwe ekhaya nebhotela. Wayesonta eChurch of God. Futhi wathi, "Lyle," kumfowabo, "besifanele sinyuke futhi simtshele ukuthi sesisindisiwe."

51 Niyazi, kukhona izinto ezithile nje esingazisho, ezibambana noMoya oNgcwele. Izinto ezithile nje eziMthokozisayo kahle nje, futhi uma sisho leyonto. Ngifuna niqaphele, "Enikushoyo." Uma nje singathola ukuthi sithini! Amazwi akho ayakwahlulela. Amazwi akho ayakulahla, kungenjalo amazwi akho azokubusisa.

52 Futhi, ngokungazi, uBanks kufanele ukuthi washo into elungile. Kungengaphezulu kunokuba esho ukuthi . . .

53 Ngangihlezi kwingemuva lesikebhe, ngidoba ngodobo lwami, inhlanzi encane ibluegill; ukuba ibekwe entanjeni, senzela isicupho, ngoba sase siphelelwe yisicupho. Futhi ngangibamba lezizinhlanzi ezincane futhi ngizifaka ebhakedeni, ngenzela usinga lokudoba olunamahhuku amaningi.

54 Futhi ngenkathi uBanks esesho lokho, khona manjalo iNto ethize yangishaya. Washo into elungile. Futhi uMoya oNgcwele waphumisela futhi wathi, "ISHO KANJE INKOSI. Uzothola, emahoreni ambalwa alandelayo, kuzoba khona uvuka kwesilwane esincane." Ngacabanga ukuthi kuzoba umthinyane engangicabanga ukuthi umfanyana wami wayewucindezele kakhulu, futhi wawucindezela waphuma ukuphefumula, futhi—futhi wayewuwisele kwiphansi, ngaphambi kokuba sihambe. Ngacabanga ukuthi yilokho okuzoba yikho. Kodwa ekumangaleni kwethu, ngakusasa ekuseni, ngenkathi sisahleli esikebheni . . .

55 Ngiyazi uBanks ulapha. Ngicabanga ukuthi uLyle . . . Ngabe uLyle ulapha, Banks? Noma, uma ulapha, Lyle, phakamisa isandla sakho. Uyehla, unathi, ngaso sonke isikhathi.

56 Wa . . . wababamba inhlanzi, ngeyodwa . . . ihhuku elide. Futhi wababamba encane, inhlanzi ibluegill, futhi yagwinya ihhuku lashona phansi. Futhi wayibamba inhlanzi encane. Esikhundleni nje sokukhipha ihhuku emlonyeni wayo, lalibambeke lajula kakhulu, waze, wavele walidonsa. Futhi wadonsa i—isisu, namathumbu, nezimbobo zokuphefumula, nakho konke, kwaphuma ngqo emlonyeni wayo. Futhi wavele wayijikijela ngaphandle emanzini, inhlanzi encane nje efana nasasidoba ngayo, ebusuku bakuthangi, futhi wayekade esike eziyikhulu lazo, noma ngaphezulu, enzela isicupho. Nomfo omncane wadikiza kane noma kahlanu, futhi wazama ukusebenzisa umlomo wakhe omncane, kepha wehluleka, ngoba wayegcwele izimbobo zokuphefumula nokunye nokunye. Futhi uLyle wathi, "Udubule isivimbo sakho sokugcina, mfo omncane." Ngaqhubeka, ngidoba, ngingacabangi lutho ngakho.

57 Khona-ke, uNkulunkulu wenza izinto ezixake kakhulu. Khona manjalo, ngezwa lapho kuza iNto ethile, yehla phezulu esiqongweni salawo mahlathi. UMoya oNgcwele wehlela phansi futhi wathi, "Sukuma." Wathi, "Khuluma kuleyonhlanzi encane, futhi izoba nokuphila kwayo futhi." Yayikade ilele lapho, ifile, ingxenye yehora, yayisivele yantanta yabuyela emuva phakathi kokhula.

58 Ngathi, "Nhlanzi encane, ngikunika ukuphila kwakho, eGameni leNkosi uJesu." Leyo nhlanzi encane yaphenduka, yaphenquka futhi yaphuma yadabula emanzini ngelikhulu ijubane. Ngama lapho, ngingazi ukuthi ngenzeni.

UMfowethu Banks Wood wathi, "Kuhle kithi ukuba lapha."

59 Futhi uLyle wathi, "Lokho bekuqonde mina, ngoba ngisho leyonto kuyo, 'Udubule isivimbo sakho sokugcina, mfo omncane.'" Futhi wayexhuxhume ngakho konke.

60 Ngathi, "Qhabo, akunjalo." Bengizama ukududuza uLyle. Ngathi, "Akunjalo."

Futhi khona-ke lomBhalo wafika kimi futhi.

61 Okungenani benginabantwana abancane abanokudlikiza kwemisipha abayikhulu ohlwini, ukuba ngibakhulekele, abantu abaningi abanelukhemiya umdlavuza wegazi nomnkantsha nomdlavuza, nesifo sofuba, bedleka nya, izimpumputhe, nezithulu, nezimungulu. Kunekhasi emva kwekhasi, endlini yami, eligcwele bona, futhi kubukeka sengathi uNkulunkulu onomusa ubengakuvuma lokho esikhundleni sokusebenzisa aMandla aKhe kwencane, inhlanzi endala engabalulekile.

62 Kodwa Uhlala enguNkulunkulu. Kungani Engasebenzisanga aMandla aKhe kwabanochoko esangweni, esikhundleni sesihlahla somkhiwane esincane na? Kungokwenzani na? UNkulunkulu ufuna ukukhombisa ukuthi Uyanakekela. Wazi zonke izinto. UnguNkulunkulu, phezu komkhiwane. UnguNkulunkulu, phezu kwenhlanzi. UnguNkulunkulu, phezu

kwendalo. UnguNkulunkulu, phezu kwazo zonke izinto, futhi akukho okuncane kakhulu noma okungabalulekile kakhulu ngaphandle kwalokho Anentshisekelo kukho. Ngakho-ke lokho bekungasinika ukwazi, nakuba sibancane futhi singabalulekile, uNkulunkulu unentshisekelo kithi siMenzele okuthile. Uyathanda ukukhombisa iNkazimulo yaKhe.

63 Futhi lokho kwanginamathela kanzima, ngangokuthi angikaze ngiphumule, imini nobusuku. Lokho sekube yiminyaka emibili edlule, futhi njalonjalo bekuvame ukungihambela. Futhi ngathi, "O, angeke nje ngasho lutho ngakho, ngokuba angeke ngakubeka ekuBuyisaneni. 'Noma yini *wena* oyishoyo, kuyakufezeka. Ungabanakho *wena* okushoyo.'" Futhi bengimile lapha kulelipulpiti elifanayo, futhi ngizamile, futhi ngagijimela emBhalweni; futhi ngazibamba kukho, futhi ngabuyela emuva, ngoba bengesaba ukukusebenzisa. Angeke waba nokukholwa ngaphandle uma wazi ukuthi wenzani.

64 Omunye umfo uza kimi, kungekudala, futhi wathi, "Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi kuyiphutha yini ukuthi umKristu abheme ugwayi na?"

65 Futhi ngathi, "Ungibuzela ini na?" Uma kukhona umbuzo engqondweni yakho, kuyeke kanjalo. Ungalokothi . . .

66 Angeke waba nokukholwa ngaphandle uma uqiniseke ngokuphelele ukuthi uqinisile. Lapho onke amathunzi ededile asuka, khona-ke ungaba nakho ukukholwa nokuzethemba.

67 Futhi bengingeke ngiphumele lapho futhi ngishumayele lowo mBhalo, ngingazi ukuthi bengikhuluma ngani. Kodwa, nokho, bengazi ukuthi bekungokweNkosi. Abaningi benu beyangifakazela, ukuthi, okweminyaka emibili edlule, benihlala ningizwa, kusukela kulomsamo, ngisho ukuthi kukhona okuthize, okuthize, ndawondawo. Ngiyafinyelela. Ngiyazi sekuseduze. Angibonakali nje ngikubamba. Ngizothi, "Ngishaye umBhalo lapho, angazi ukuthi ngenzeni."

68 Ngoba, imiBhalo, o, ungahle ubeke ukuhumusha. Ukube othile ubengibuzile, bengizosho okuthile kubo, futhi ngisuke ngihambe, bese ngikukhiphela kwenye into ethize. Kodwa ukubhekana nodaba . . . Njengokuthi, sifanele sibhekane nodaba, ngabe umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ulungile noma awulungile na? Sifike ekubhekaneni nodaba, ngabe uJesu Kristu unguyena izolo, namuhla, naphakade na? Ngabe kulungile noma akulungile na? Sifanele sibhekane nakho. Sifanele sazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso njalo.

69 Ngakho-ke, kwaqhubeka, futhi phansi naphezulu. Futhi bengingakufaka engqondweni yami, futhi nje bengingeke ngikususe. Futhi nomaphi lapho engingaya khona, njalonjalo bekuyoza kimi, "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka futhi uphonseke olwandle,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho,

kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzofezeka, ungaba nakho okushilo."

70 Ngacabanga, "Kungenzeka kanjani, Nkosi na? Lokho bekungaba *yimina* ngikusho. Benginga. . .Bekungeke kusize ngalutho, ngoba bekungaba yi*mina* ngikusho. Ngakho-ke, akukho engingakusho ngaphandle kwalokhu Okushilo. Futhi ngi—ngiyakusho nje lokho, ngemiBhalo."

71 Futhi zonke izinto ziphumule ekuBuyisaneni. Akukho zibusiso ngaphandle kokuBuyisana. Isizathu, siyizoni, ngaphandle kokuBuyisana. Uma kwakuyinto yomhlaba wonke yawo wonke umuntu, khona-ke wonke umuntu ubengasindiswa. Kodwa yisimo sakho sokuziphatha ezibusisweni zokuBuyisana, okuletha izibusiso kuwe.

72 Njengensindiso, ngokukaNkulunkulu, ngasindiswa ngenkathi uJesu efa. Kodwa akusoze kwangisiza ngalutho kuze kwembulwe kimi ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, futhi ngaMemukela njengoMsindisi wami. Futhi wonke umBhalo uyindlela efanayo.

73 Ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu kungokwakho, uma uNkulunkulu ezokwembulela lokho, ukuthi lokho kungokwakho. Kodwa angeke nje ukhubeke kukho. Kuzofanele kufike ngesambulo. Futhi uma sekwembuliwe, ukuthi, "Ngemivimbo yaKhe waphiliswa," akukho lutho uSathane ngisho angakwenza.

74 Njengoba umfowethu omncane waseSellersburg athi, "Bonke odeveli angeke bakunyakazise," impela, lapho okuthize kwembuliwe.

75 Qaphelani. Khona-ke, kulenkwindla edlule, abaningi bashilo kimi, "Kungani, njalo ekuseni, wena, uma usekhaya, udumela isibhamu sakho futhi uye naso emahlathini uyozingela na?"

76 Ngifuna nazi ukuthi UnguNkulunkulu wamahlathi ngokufanayo nje njengoba EnguNkulunkulu wedolobha. UnguNkulunkulu kakhulu nje phandle lapho njengoba Enjalo lapha. Futhi uNkulunkulu njalo usebenzana nabantu ngokwesikhundla sabo, futhi ini. NjengoDavide, ngasemanzini amile namadlelo aluhlaza, ngoba wayengumalusi wezimvu. Futhi izindlela ezehlukene Anazo, ukwembula, nokuthile.

77 Ngangivuka, ekuseni, ukuba ngiye emahlathini, ekuseni impela, cishe ngehora lesine nqo, ukuyozingela izingwejeje. Futhi umkami waze ngisho washo kimi, wathi, "Billy, awukhathali yini ukuyokuzingela na?" Niyabo, lempi inqotshiwe, yodwa. Umkami akakuqondi. Angikuqondi. Kodwa yimpi. Ufanele ume wedwa. Akekho ongama nawe. Kukhona indawo yakho noJesu. Awuqondwanga kahle na? Impela.

78 Ngisho nasentombazaneni yami encane lapho, uRebekah. Wathi, "Uma ngike ngashada nendoda, uma ngisho ike yaphatha ukuyozingela, angeke ngiyigane." Wathi, "Ngiyazi ukuthi umama wami wedlule kuphi. Umyeni ephuma, futhi waya emihlanganweni; lapho nje efika ekhaya, adumele isibhamu esidala noma udobo, bese eshaya edlula eya emahlathini."

79 Ngathi, "Ubungaqoka ukuthi ubengenza lokho, noma ubungaqoka ukuthi ubengadumela isitaki samakhadi noma—noma onezinwele ezimhloshana othile, futhi asuke ahambe na? Manje dweba umbono wakho."

80 Ngenkathi sengibuya ngalolosuku, wathi, "Babayi, ngiyaxolisa ngalokho. Ngizogana indoda enjengawe, ethanda ukuzingela, khona-ke ngizoyozingela nayo." Wathi, "Ngiyophuma nayo."

81 Ngathi, "Awu, lokho kulungile, futhi. Ngifisa sengathi ubungakhuluma nomama wakho kancanyana, ngakho."

82 Kodwa kuyinto ethize emahlathini. Lapho ngiqala ukufunda ngoNkulunkulu, ngangifuna ukuphenduka. Ngangingazi ukuthi kuphendukwa kanjani. Ngangingazi ukuthi khulunywa kanjani naYe. Ngakho-ke, ngahlala phansi, futhi ngaMbhalela incwadi, futhi ngaMcela ukuba angixolele. Futhi ngangingazi ukuthi ngikwenze kanjani. Ngakho-ke ngangazi ukuthi kukhona engikuzwile, phandle emahlathini, futhi ngayibethela esihlahleni, ngakho-ke lapho Ehlela phansi edabula emahlathini, endaweni engangiMbone kuyo, ukuthi Ubengayifunda lena, futhi ubeyokuqonda ebengikuqondile, ukuthi ngangixolisa ukuthi ngangingaMkhonzanga, futhi ngangifuna Yena ukuba angithethelele isono sami.

83 Khona-ke ngaba namahloni ngami, futhi ngayithatha. Ngathi, "Uma EnguMuntu, Uzoqonda njengomuntu. UnguMdali wami." Futhi ngehlela endlwaneni futhi ngaqala ukukhuluma kuYe njengomuntu, futhi Wangiphendula njengomuntu. Khona-ke kwakuse . . .

84 Nginezinsuku ezithile ezibhalwe phansi lapha. Ngo-Okthoba ziyi 12 . . . Ngomhla ziyi 15, inkathi yonyaka yezinyamazane amadiye yayivulwa, ngapha eWyoming. Ngomhla ziyi 12 kwakuwusuku lokugcina engangingazingela ngalo, futhi sasizohamba ngomhla ziyi 12. Ngiqonde, ngomhla ziyi 10 sasisemahlathini, okwakunguMgqibelo. NgeSonto, ngashumayela, okwakungomhla ziyi 11. NgoMsombuluko, uMfowethu Sothmann noMfowethu Roberson emuva lapho, nathi sonke, sahamba saya—saya emhlanganweni, noma ukuyozingela izinyamazane amadiye eWyoming. Ngalokhokusa, komhla ziyi 10 okuyoba . . . Khona-ke, ngomhla ziyi 18, inkathi yonyaka izovalwa e-Indiana, angeke sisaba nakho nhlobo ukuzingela izingwejeje.

85 Ngakho-ke ngathi, “Lesi kuzoba isikhathi sokugcina engingaphuma ngaso.” Futhi sahlanganisa isigejana ndawonye, futhi ngabadukisa emahlathini. Ngahamba ngaya le emuva, ngenyukela endaweni lapho engithanda ukuya khona, eSalem. Inkathi yonyaka yayisileyithi. Izingwejeje zazimbalwa. Ngangikade ngiphumile kaningana, ngithola nje ingwejeje eyodwa ngasikhathi.

86 Ngakho-ke, namhlanje ekuseni, ngiye emahlathini afanayo, futhi kuvuke umoya futhi waqala ukuvunguza. Futhi noma ngubani ozingelayo, uyazi ukuthi lokho ukusa okubi. Ngazingela onke amahlathi nya, ngaphandle kokubona neyodwa ingwejeje, noma ukuzwa eyodwa. Ngehlela ezansi ekugcineni komfudlana, futhi ngaqala ukwenyuka ukuthola amanye amahlathi abanzanyana. Futhi lapho sengisondele eduze kwalelihlathi elincane, kwakukhona i—inqwaba yezihlahla zamawolnati, nezihlahla zesikhonyane, amaqabunga onke esukile kuzo, ihlozi elingenalutho nje. Eceleni eduze kwalo, kunezihlahla ezimbili zomthombe. Manje, izingwejeje azihlali ngasemthombeni. Kodwa phezulu kuzo, ngabona, kubukeka sengathi, ngathola ukuthi shazi . . . Ngathola ukuthi shazi kwengwejeje ikhuphuka ehlathini, kodwa yayigijima ngejubane.

87 “O,” ngathi, “asikho isidingo sokuzingela. Nampa abantu ngaphandle lapha, abalimi becosha ummbila wabo, khona lapha ngakuleli amahlathini amancane. Izingwejeje angeke zibe lapha.” Ngakho-ke ngahlala phansi phakathi kwalezihlahla ezimbili, ngase ngisekela izinyawo zami kwesinye ngase ngincika kwesinye, ekukhanyeni kwelangeni okufudumele. Ngacabanga, “Ngizothatha nje isihlwathi, khona-ke ngizothola uMfowethu Banks, noMfowethu Sothmann, nabafana, njengoba ngibuyela emuva, futhi ngehla ngomgwaqo. Futhi lapho ngihleli lapho . . .

[UMfowethu Branham ukhwehlela kabili—Umhl.] Uxolo.

88 Ngenkathi ngihleli lapho, ngaphansi kwesihlahla, ngavele ngathola ukuthokomala phansi, nelanga elifudumele likhanya kimi. Okuthile kwathi, “Uma uthi kulentaba, ‘Siphuleka uphonseke olwandle,’ futhi ungayikungabaza enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lezozinto ozishilo zizofezeka, ungaba nakho okushilo.”

89 Ngathi, “Awu, manje, nawo lowo mBhalo engqondweni yami futhi.” Ngathi, “Nginesikhashana lapha, cishe ihora ngaphambi kokuba ngihambe ngiyothola bonke abafana, ngakho-ke ngizovele ngifundisise lowomBhalo.” Futhi ngathi, “Manje, lokho kungasebenza kanjani na?” Kwathi, “Nansi indlela kuphela obekungaba ngayo, ukuthi, labobafundi babehlala ngakolunye uhlangothi lokuBuyisana. UkuBuyisana kwaba kamuva, cishe, o, emavikini ambalwa kamuva, ngaphambi kokuba ukuBuyisana kwase kwenziwe. UJesu wabanika

aMandla, olunye uhlangothi lokuBuyisana, njengoba Wayenzile kubaprofethi."

90 Futhi ngenkathi ngithe, "abaprofethi," Okuthile kwangishaya futhi. "Babengobani abaprofethi na?" Ngase-ke ngiqala ukucabanga ngakho, ngalokho Akwenza ngababprofethi.

91 Futhi kwakuthola, emva kokuba ngangikhulumile lapho isikhashana, ngaphakathi kimi, ngicabanga nje, ngaze ngaba nokuzwa kakhulu ngeNto ethize eseduze, kwaze kwathi ngangikhuluma noMuntu othile. Futhi iNto ethize yathi kimi, "Lokho kusekuBuyisaneni. Ngokuba uma owesilisa noma owesifazane ezihlukanisele kakhulu futhi ezinikele kuNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu uvele angene futhi asebenzise iphimbo labo, futhi akuyena owesilisa okhulumayo. NguNkulunkulu okuye okhulumayo."

Ngacabanga, "Kunjalo."

92 Okuthile kwathi kimi, "Ucabanga ukuthi ubani . . . Uyibona kanjani leyo mibono emsamo na? Uyibona kanjani leyo mibono ngaphandle lapha na? Kuyini na? Ucabanga ukuthi kungukuhlakanipha kwakho uqobo ukuthi ungabikezela into ethize ebizokwenzeka ncamashi? Ucabanga ukuthi nguwe okhulumayo na? Ubungacabanga ngesinye isikhathi . . . Lapho uMoya oNgcwele ungena eMlayezweni, bese ungazi ukuthi uthini, Yini ekhulumayo ngaleyonkathi-ke na? Kuyini lapho umuntu ezokhuluma ngolimi angazi lutho ngalo na? Yini leyo ezohumusha lolo limi olufanayo, kungekho noyedwa wabo owazi noma yini ngakho na? Ngabe ngumuntu ngamunye, noma ngabe uMoya kaNkulunkulu ophilayo na?"

93 Ngathi, "Lokho yiqiniso. Ngiyakubona. NguNkulunkulu okhulumayo. Futhi konke iBandla elikudingayo isinyathelo esisondele kuYe, okuningi okwempilo ezahlukanisele, ukuhlala naYe."

94 Futhi ngenkathi ngangisahlezi lapho, umzuzwana nje noma emibili, ngicabanga ngalokhu, ngazibamba ngikhuluma noMuntu othile. Futhi ngezwa iNto ethize ithi, "Cela. Yisho okuthandayo, futhi kuzokwenzeka."

95 Ngathi, "UYini wena na?" Ngathi, "Ubani engikhuluma naYe na? Ungubani Wena na? Ubani omile kulezizihlahla lapha, ukuthi ngiyalizwa lelo Phimbo elikhuluma nami na? Ungubani Wena na? Khuluma kimi." Ngaxhuxhuma kakhulu futhi ngagxuma ngaya phezulu phakathi kwalezozihlahla. Ngathi, "Khuluma kimi. Ungubani Wena na? Angikuboni Wena." Ngafuna lokho kuKhanya lapho. Angibonanga lutho. Ngamemeza kakhulu, "Ungubani Wena na? Ukuphi Wena na? Ufunani kimi na? Nkosi, ukuphi Wena na?"

96 INto ethize yahlehlela emuva, futhi yathi, "Yisho okuthandayo futhi uzakuphiwa khona."

97 Ngathi, "Nkosi, Uguqula inkonzo yami na? Ngabe lolu uguquko Obukade ukhuluma ngalo na? Ngabe yilokhu okuza kukho na? Ngabe yilokhu okuzoba yikho na? Okuthile kuleyondlu encane engakubona embonweni, ngabe yilokhu na?"

98 Ngaleyonkathi nje okujulile impela, ugcobo olumnandi lukaMoya oNgcwele lwangiphakamisa, njenge, ngezinyawo zami, futhi kwathi, "Yisho okuthandayo, futhi uzakuphiwa khona."

99 Ngama lapho, ngimangele. Kwangishiya. Ngangingenalutho. Ngacabanga, "Awu, ngingathini na? Akukho bantu abagulayo lapha. Akukho lutho lapha. Ngisemahlathini. Ngingathini na? Yini—yini—yini engingayenza na?" Futhi ngacabanga, "Ngabe ngilahlekelwa yingqondo yami na? Ngabe ngitadishe kanzima kwaze kwathi amandla ami engqondo ayaqhekezeka na?"

100 Futhi nje ngaleyonkathi ngaKuzwa, ngokufanayo nje njengoba ungizwa, kwathi, "Awuzingeli, futhi awunanyamazane na?" Kwathi, "Khuluma noma yini oyifunayo."

101 Awu, ngacabanga lokhu, "UNkulunkulu wathi, 'Vivinyani konke.'" Ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, uma kunguwe Lowo, futhi lesi yisibonakaliso Olungiselela ukuguqula inkonzo yami isuka kuleyomibono, iya kokuthize okukhulu, ebengikufuna isikhathi eside," ngathi, "makwenzeke ukuthi Uzophendula umkhuleko wami." Futhi ngama lapho kancanyana. Futhi ngacabanga, "Utheni yena na? Akashongo ukuthi, 'Khuleka.' Wathi, 'Yisho okuthandayo. Vele ukusho nje, futhi amazwi akho azokwenzeka. Yisho kulentaba, futhi kuzokwenza njengoba nje usho.'"

102 Ngakho-ke ngancikisa ihlombe lami esihlahleni. Futhi ngangikwejwayele . . . Ngabeka isibhamu sami esikhulu amayadi angamashumi amahlanu, ukubethela ngezipikilana. Ngakho-ke nga—ngaqalaza, ukubona isihlahla esisemayadini angamashumi amahlanu. Futhi esinye sasiqhele ngamayadi angamashumi amahlanu, ngaphandle—ngaphandle kwamaqabunga. Ngathi, "Cishe impela akunakwenzeka ukuba ingwejeje ize kulesosihlahla, khona lapha, futhi labobalimi lapho bekha ummbila wabo." Ngathi, "Kodwa kuzoba khona ingwejeje ebomvu izoqhamuka ekugcineni kwalelogatsha futhi ihlale phansi lapho, futhi ngizoyidubula ngilapha."

103 Futhi kungengaphezulu kunoma sengikushilo, nakho kwakukhona ingwejeje. Ngaqhaqhazela kancane, futhi ngagwaca, futhi ngayidubula ingwejeje. Ngahamba ngaye ngale futhi ngayithatha. Ngangithuthumela, yonke indawo.

104 Ngathi, "Mhlawumbe lokho kuvele nje kwenzeka ngaleyondlela." Uyazi ukuthi abantu bangabaza kanjani. Kodwa ufuna ukuqiniseka. Ungenzi lutho ngaphandle uma uqinisekile, futhi khona-ke uyakwazi okwenzayo. Ngahlikihla ubuso bami kancane, futhi ngabheka, ibanga engingalibona ngokuphelele. Ngakho-ke ngakhuphuka futhi ngahlala phansi ohlangothini

lwegquma, futhi ngathi, "Nkosi, kulotshiwe eZwini laKho, ukuthi, 'Ngomlomo wofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe.'" Ngathi, "Uma bekunguWe lowo, ngixolele ngobuwula bami. Kodwa ngiyaKuncenga ukuba unginike enye ingwejeje njengaleyo, futhi," ngathi, "khona-ke ngizoKukholwa, ukuthi NguWe, futhi udeveli angeke abe nendawo yokusho ukuthi kuvele kwenzeka nje ngaleyondlela." Ngakho-ke ngahlala phansi.

105 Ngomzuzwana nje, nakhu kufika Lokho, ngiKubiza ngokuthi, "uGcobo olukhulu," kwaphinda kwashwibeka ngaphezulu futhi. Futhi ngacishe ngawa ngezinyawo zami. "Futhi yisho, usho okuthandayo, uzakuphiwa khona."

106 Ngabuka emahlathini ngaze ngathola esinye isihlahla ebangeni elithile elingamayadi angamashumi ayisihlanu, kwakunenqwaba yehlashana kuwo, nemivini yamagilebhisi nezinto ezisongwe zazungeza, lapho izingwejeje akuvamile ukuthi zibe sesihlahleni esinjalo. Ngathi, "Futhi kuzoba nenye ingwejeje esencane egqunqile ihlezi khona." Futhi ngehlisa umunwe wami, futhi ngaqalaza emahlathini.

107 Futhi ngabheka emuva, futhi nakho kuhleli ingwejeje egqunqile ingibuka ngqo, futhi. Ngayidubula leyo. Ngayiqukula. Futhi ngacabanga . . . O, ngangithuthumela.

108 Ngacabanga, "Cabanga! UNkulunkulu onamandla kakhulu waseZulwini ulapha emahlathini, futhi Uyaqinisekisa kimi, ngendlela yami uqobo, ngizingela lapha, ukuthi Uzokwenza nje ncamashi lokho Angitshela khona eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule." Ngayibuka kancane. Ngathi, "Nkosi, kuyakwenzeka futhi."

Wathi, "Yisho indawo lapho ezoba khona."

109 Ngathi, "Ngizokwenza lokhu ngobuqaba." Ngathi, "Leyonto endala ecijile ephumile lapho, eceleni kwensimu, engenalutho, ebushelelezi futhi emhlophe." Ngathi, "Kuyakuza enye ingwejeje ebomvu, futhi izophumela ekugcineni kwaleyonto eyicijile, futhi ngaqaphela ngaleya ensimini, kubalimi. Lokho kuzoba ngaleyondlela."

110 Ngabheka emuva futhi kwakungekho ngwejeje lapho. Ngabheka cishe imizuzu emihlanu. Kwakuselokhu kungenangwejeje. Nga—ngathi, "Awu," ngathi, "ezimbili, izingwejeje ezimbili zilungile." Ngathi, "Okubili ngufakazi. Ngizokukholwa kanjalo."

111 Futhi iNto ethize yathi, "Kodwa uthe kuzoba khona eyodwa." Ngalinda eminye imizuzu emihlanu. Lutho. Futhi Kwakulokhu kucaphuna enhliziyweni yami, "Uthe kuzoba khona eyodwa." Ngalinda ngalinda. INto ethize yathi, "Uyangabaza na?"

Ngathi, "Lutho nakanci."

112 Futhi akungaphezu kunokuba ngikushilo lokho, kwaze kwathi ngaphandle lwalelogatsha kwaphuma ingwejeje ebomvu, yama futhi yabuka abalimi. UNkulunkulu ungumahluleli wami, ngimile lapha. Ngayidubula ingwejeje, ngaya ngale ngayiqukula. Futhi ngahamba ngadabula emahlathini ngaze ngedlula ngamahora ukuyolanda abafana, ukubona ukuthi ngabe ayikho enye, noma kuphi. Futhi yayingekho.

Ngase-ke ngifika ekhaya, nganitshela ngakho.

113 Kwasekuthi-ke ngoNovemba ziyi 7, ngangisezansi eKentucky. Nganginomlamu kaMfowethu Wood, emile lapho, uCharlie Cox, emile lapho ensikeni. Kanye noMfowethu Tony Zabel, omunye wabadikoni lapha ebandleni. Ngabe ulapha, Tony na? Ulapha ndawondawo, uMfowethu Tony Zabel, futhi noMfowethu Banks Wood. Futhi sasiphezulu ezintabeni, sizingela. Futhi ngaqala ukungena emahlathini, futhi izingwejeje zaziyingcosana kakhulu. Qhabo. . . Amaqabunga ajulile, emhlabathini. Futhi ngaqala ukwenyuka ngangena emahlathini.

114 Futhi iNto ethize yathi kimi, "Ufuna izingwejeje ezingaki namhlanje ekuseni na?"

115 Ngathi, "Awu, ngineziyikhulu neshumi nane kulonyaka, noma ikhulu neshumi nesikhombisa." Ngathi, "Ukuba benginezinye ezintathu, bekuzokwenza ikhulu namashumi amabili. Lokho bekungenza nje inamba engahlukaniswa ngezimbili ukuma kuyo." Ngathi, "Enye into okuzoba yiyo, ngiphe eziyisithupha ukuthi ngigoduke nazo." Okungukuthi, ngizithanda kangcono kunanoma iyiphi inyama ekhona engadliwa. Futhi ngathi, "Uma bengingathola nje ezinye ezintathu." Ngaqhubeka ngenyuka ngadabula emahlathini phambili kancane. Futhi, o, zazingekho. Abazingeli abakahle, njengoCharlie nabo, bathola eyodwa. Ngase ngithi, "Awu, ngi . . . "

116 INto ethize yathi, "Yisho kukho. Khuluma izingwejeje ezintathu futhi uzoba nazo."

117 Ngathi, "Lokho kuye kwenzeka kanye." Ngakho-ke ngama eceleni kwesihlahla esincane, isikhathi sesihambile ntambama, eceleni okhalweni.

118 Futhi loloGcobo lufika kakhulu kakhulu ngaze ngehluleka ukuma emhlabathini, futhi lwathi, "Khuluma! Lokho okushoyo, ungangabazi, futhi ungakuthola okushilo."

Ngathi, "Ngizothola izingwejeje ezintathu."

Wathi, "Zizovelaphi na?"

119 Ngathi, "Eyodwa izoqhamuka *ngaleyo*ndlela, enye ngaleyondlela, futhi enye ngemuva *ngale*ndlela." Ngikwenze kube ubuqaba. UNkulunkulu akanandaba nokuthi kubukeka sengathi kungubuqaba kanjani. UnguNkulunkulu wesimo.

120 Futhi ngenkathi ngisamile lapho cishe imizuzu embalwa. Ngangingezwa kudubula nxazonke, bonke abafana, nxazonke noma kuphi. Kwenzeka ukuthi ngibheke emva kwami, phezulu le emahlathini, cishe amayadi angamashumi ayisishiyagalolunye, ngacabanga ukuthi kwakukhona okusesiqwini. Ngakubuka. Ngemuva kwesikhashana kwagxuma kwasuka, futhi kwakuyingwejeje empunga. Ikude kakhulu, yonke indlela enqamula umgodi, futhi phezulu ngaphezulu okhalweni. Lapho iqhamuka eceleni kwesihlahla, ngayidubula. Futhi kwakucishe kube ngamayadi angamashumi ayisishiyagalolunye, futhi kwayibulala. Ngathi, "Kukhona eyodwa. Ngingahle ngiphenduke futhi ngibheke ngalena enye indlela, ngenzele ezinye, ngoba ziyeza." Niyabo? UNkulunkulu unendlela yokuletha izinto kuwe, ekuqinisekisa okhuluma ngakho.

121 LoloGcobo lwase lungasekho kimi ngaleyonkathi. Awu, ngalinda futhi ngabuka *ngale*ndlela cishe ihora. Akukho okwenzeka. Ngase ngigodola. Ngacabanga, "Impela, uma lowo kunguMoya oNgcwele ongitshela lezozinto, kuzoba yikho impela nje. Ngoba, ngenkathi uGcobo lwalukimi, ngakhuluma lelogama, futhi kuzofanele kube ngaleyondlela."

122 Manje lalelisisani lokhu. Futhi lokhu kuzoqoshwa eteyipini. Kuzoya emhlabeni wonke.

123 Manje futhi-ke, ngakwesobunxele sami, ngangilokhu ngibhekile. Emuva kwesikhashana, ngabuka phezulu. Esihlahleni, okuza ngasesihlahleni ibhishi, nakhu kuza ingwejeje empunga. Ngathi, "Impela ngaleyondlela nje. Kunjalo, Nkosi." Ngaphendukela phansi, ngaphakama ukuze ngiyidubule, futhi nakho kuza enye ingwejeje. Ngathi, "Kukhona ezimbili, impela nje. Kwenza ezintathu zami." Futhi ngaphakama phansi, ngadubula ingwejeje yokuqala. Enye yagijimela ngaphansi kogodo. Ngangiyibona isika phezu kwe—kwesihlahla samakinati ihikhori, noma okuthize, ngaphansi kogodo. Ugodo lwalucishe luphakame *kangako*, ekugcineni, lwaphakama cishe ngefidi. Ngangiyibona ingwejeje. Ngayibulala eyokuqala.

124 Ngathi, "Manje ngizoyithola enye." Ngagwaca, ngabeka lezo zintambo ezimbili eziphambene zokukala ikhrosihe ngaphezu kwendlebe yayo, kungengaphezulu kwamashumi amane, amayadi angamashumi amahlanu ukuqhela, ngadubula futhi ngashaya ugodo. Futhi ingwejeje ayizange ngisho yethuke. Ngafaka enye inhlamvu kuso. Futhi yaphenduka, yehla ngogodo, yaya ngakokunye ukuphela. Awu, ngagwaca futhi ngayikala kahle ngokwedlula konke engingakwenza. Futhi ngangigeje ukudubula okuhlanu unyaka wonke. Ngakho-ke ngagwaca, ukudubula okuphelele ngqo, ngaphinda ngathinta ingcipho futhi, futhi ngashaya cishe ngama-intshi amane ngaphezulu kwayo.

125 Ngathi, "Bengifanele ngishaye isibuko sami esandisayo siphume." Futhi-ke ngaphinde ngabuka. Ingwejeje yagijima yaya phezulu futhi yaphumela ngqo ohlangothini lwehlathi, ngohlangothi lonke ukusuka kimi. "Awu," ngathi, "Ngishaye isibuko sami esandisayo ngasikhipha. Ngizovele ngiyidubule ngohlangothi lonke-ke, embotsheni yesifuba." Futhi ngaphakama futhi ngabeka izintambo ezimbili eziphambene zokukala ikhrosihe. Ngacabanga, "Mhlawumbe ngiyagodola, futhi ngiyathuthumela." Ngacabanga, "Bengingagodoli futhi ngingathuthumeli ngenkathi ngidubula enye."

126 Ngakho-ke, ngokufanayo nje, cishe ngomzuzu noma emibili ukwehlukana. Futhi ngabamba isihlahla, futhi ngasibeka esandleni sami, futhi ngasibamba ngasiqinisa ngempela isibhamu, futhi ngasibeka embotsheni, embotsheni yesifuba sengwejeje, futhi ngadonsa isibhamu. Futhi ngadubula unyawo ngaphansi kwayo. Futhi ngadonsa ukuze ngithole elinye igobolondo, futhi isibhamu sasingenalutho. Ngenkathi ngisasilayisha, ngathi, "Ngizoyithola uma izoma lapho." Futhi lapho ngifika . . .

127 Ingwejeje yakhuphuka ngehlathi. Ngama lapho. Ngacabanga, "Ini? Kunokudubula okuthathu, okuqondile, okugejile. Futhi ngigeje ezinhlanu kuphela kweziyikhulu neshumi nane." Ngathi, "Kungenzeka kanjani, ukuthi isibhamu sami sikhumukile na?"

128 Futhi ngaleyonkathi nje iza kimi. "Angeke uyidubule leyongwejeje ngaleyondlela. Yayizoza ivela *ngaleyo*ndlela." IZwi likaNkulunkulu liphelele. Angeke uyidubule iqhamuka ngaseningizimu. Yayiza iqhamuka ngasenyakatho.

129 "O," ngathi, "Ngizovele ngijike *ngale*ndlela, khona-ke, futhi ngibheke enyakatho ize ifike." Ngafaka amagobolondo amaningi esibhanyini, futhi ngabheka. Okuncane . . . ngathi, "Uma iza, izofanele isondele kabi kabi." Angithandi ukudubula eyodwa ngisondele. Akuwona umdlalo. Akukuhle ukukwenza. Ngakho-ke eyodwa yayi . . . ihlozi lapho, ngathi, "Awu, ngizofanele ngiyithole lena ivela enyakatho, ngoba ngikusho ngaleyondlela." Ngakho ngama *ngale*ndlela, ngibhekile.

130 Futhi nga—ngathi, "Ngiyacabanga . . . kwase kuleyithi." Ngathi, "Ishumi nahlanu kushaye elesine, manje ngelesine nqo. Ngizofanele ngihambe, ngoba, nalezo ezimbili, ngoba abafana bangilindile." Futhi ngakho ngalinda isikhashana. Elesine nqo lashaya, imizuzu emithathu ngemuva kwehora lesine.

131 Ngathi, "Awu, ngizohamba ngiyolanda izingwejeje zami." Ngakhuphuka futhi ngayolanda izingwejeje, ngabuyela emuva, sekumnyama kakhulu ngibona kanzima engoxeni. Ngaqala ukwehla ngengoxi. Futhi lapho ngehla ngengoxi, kwakumnyama, futhi ngangizodlula indawo lapho ngangikade ngimi khona.

132 INto ethize yathi kimi, "Awuzukukhuphukela phezulu lapho futhi uthole leyongwejeje na?"

133 Ngathi, "Ngizoyibona kanjani manje na?" Ngesibonisakude esincane, esincanyanyana, esikahle, isibuko esandisayo sokuhlosa; kunzima ukuba nokukhanya okwanele ukubona, amafidi ambalwa phambi kwami. Ngathi, "Ngingayibona kanjani na?"

134 Wathi, "Kodwa uthe kuzobakhona enye." O, ngifisa sengathi bengingakwenza nje lokho, ngandlela-thize bengingakuthola, niyabona ukuthi yini leyo, ya, lokho, ukuthi lokho kusho ukuthini ngempela, mngani. Niyabo? Ngaphansi kwaloloGcobo, kwakungeyimi lowo owakusho. KwakunguNkulunkulu owakusho. Futhi ngahamba amanyathelo athi awabe mabili. Wathi, "Jika futhi buyela emuva ngasenyakatho. Ingwejeje yakho ilapho."

Ngahamba, ngaphenduka. Ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, angeke ngingabaze, nakancane."

135 Ngaqala ukubuyela emuva ngasenyakatho. Kunalabo abahleli lapha abakwaziyo lokhu. Ngaqala ngabuyela emuva ngasenyakatho. Futhi phezulu le okhalweni, kuqhele ngamayadi angamashumi ayisihlanu noma amashumi ayisithupha, ingwejeje igijima ikhuphuka esihlahleni, ukukhanya okwanele nje ukuthi ngangiyibona. Ngahlolisisa ngesibuko sami esandisayo, konke phezulu naphansi esihlahleni. Ayikho ingwejeje, engangingayithola. Emva kwesikhashana ngacabanga ukuthi ngibone ifindo esihlahleni, phezulu le lapho, kumnyama kakhulu. Ngathi, "Awu, ngizozama lokho, noma kanjani." Ngase ngidubula. Futhi ngenkathi ngikwenza, ingwejeje yagijima yazungeza isihlahla futhi yagijima yehla. Ngayizwa ishaya phansi. Ngangicabanga ukuthi igxumile.

136 Ngesikhathi esifanayo lokho kwenzeka, cishe amafidi angamashumi amabili ukusuka kuyo, eyodwa yagijima yakhuphuka ngom-oki omhlophe. Ngathi igijime yehla ngowodwa futhi yagijima yenyukela ngomunye. "Manje, impela, Nkosi, Angeke ungivumele ngiyigeje, emva kokuba ngase ngivele ngishilo ngaphansi kwaloloGcobo ukuthi lokhu kuzoba njalo. Futhi Uqinisekisa inkonzo yami. Lokhu kuzoba ngokuphindwe kasithupha ukuthi Ukuqinisekisile kimi." Inombolo yomuntu, izikhathi *eziyisithupha*. Ngathi, "Angeke ungivumele ngiyigeje." Ngabuka, konke phezulu naphansi esihlahleni. Futhi phezulu le phakathi lapho, ngacabanga ukuthi ngibone amanye amaqabunga. Ngibone okuthile kuhamba kuwo. Ngaphakama futhi ngadubula. Futhi ingwejeje yawela phansi, ife njengetshe. Ngakhuphuka igquma, ngithokoza futhi ngijabule.

137 Ngaya esihlahleni sokuqala, ngale ngakwesobunxele sami, futhi *lapho* kulele ingwejeje. "Awu," ngathi, "Ngiyazi ukuthi

ngiyitholile leyo, kodwa ngangingaqinisekile ngalena." Ngathi, "Manje-ke, Nkosi, Ungiphe eyodwa ngesilinganiso esihle."

138 Ngiyahamba ngiya ngale ukuthola enye ingwejeje, ibingekho lapho. Futhi ngabuka, futhi ngabuka, futhi ngacinga ngaphansi kwamaqabunga futhi ngaphakamisa izicucu ezincane zezinqamu, futhi ngahlakaza ugodo oludala lwavuleka. Futhi yayingekho ngaphandle kogodo olulele phakathi kwamayadi angamashumi amathathu, futhi ngaluhlakaza lwaba yizicucu. Ngabuka ngaphansi kwezinhlangothi, futhi ngabamba izandla zami emaqabungeni, futhi ngezwa ngokuthinta. Kwakungekho ngwejeje lapho, ingekho ndawo.

139 Phezulu, kwakukhona leyonto ecijile enkulu endala phezulu egqumeni. Ngakhuphuka, leyonto encane ecijile. Kwakunembobo encanyanyana. Ngayizwa ngokuthinta phakathi lapho, futhi ngacabanga ngayizwa ngokuthinta ingwejeje yami, yehla yenyuka. Ngenkathi ngangi. . .ngathi, "Awu, angikwazi ukufinyelela kuyo. Ngakho-ke, ekuseni, ngizoletha abafana futhi ngiyithole. Kuzomele ngihambe ngiyobatshela." Futhi ngehlela kuMfowethu Charlie. Ngahlohla umgodi wagcwala, ngehlela kuMfowethu Charlie nabo, futhi ngabatshela.

140 Saya ngale endlini yabo ngalobobusuku, ukuyodla isidlo sakusihlwa. Sasijabula eBukhoneni beNkosi. Futhi lapho, ngaphambi kokulala, uMfowethu Charlie lapho wacela uMfowethu Tony Zabel, emuva lapho, ukuthi ahole ngomkhuleko.

141 Manje, angisho lokhu ngokuphikisana noma ukulimaza uMfowethu Tony. Ungomunye womnumzane ohloniphekile ongumKristu okahle kunabo bonke engimaziyo. Kodwa, kuyakhombisa nje ukuthi iNkosi isebenza kanjani. UTony, emkhulekweni wakhe ngalobobusuku, wathi, "Nkosi Nkulunkulu, makwazeke kithi ukuthi umfowethu usitshela iqiniso, ukuthi kusasa sizoyithola leyo ngwejeje esiqwini." Lokho kwakuyi . . .

142 Angizange ngithi ngizothola ingwejeje esiqwini, ngaphansi koGcobo. Ngathi, "Ngidubule ingwejeje." Kusobala, angikwazanga ukuthola ingwejeje, ngoba, uma bengiyitholile, lokho bekuyokwenza okungaphezulu kunalokho ebengikushilo. Khona impela nje engangikushilo, phansi kwaloloGcobo, yilokho uNkulunkulu akuveza. Ngakho-ke, angishongo lutho ngalokho.

143 Niyabo, yileyondlela, izikhathi eziningi, abantu bathi, "UMfowethu Branham usho *ukuthi-nokuthi*." Uma uMfowethu Branham esho noma yini, lokho akuhlangene ngalutho nakho. Kodwa uma uNkulunkulu ekusho, lokho kuyiqiniso laPhakade.

144 Kodwa uMfowethu Tony akazange akuthole. Wathi, "Uma leyo ngwejeje ilapho, khona-ke sizokwazi ukuthi umfowethu

usitshele iqiniso." UMfowethu Wood, uMfowethu Charlie, bonke, bayicosha. Asishongo lutho. Ngalala noMfowethu Tony ngalobobusuku.

145 Ngakusasa ekuseni, etafuleni, sasikhuluma, ngokuthi, "O, kwakusuku olwesabekayo."

146 Futhi uMfowethu Tony wathi, "Awu, kukhona into eyodwa, uMfowethu Branham mhlawumpe uzokhipha eyakhe esiqwini, kulokhukusa, esihlahleni."

147 Ngathi, "Mfowethu Tony, angikaze ngisho ukuthi ingwejeje yayiphakathi lapho. Ngithe bengingayizwa ngokuthinta, lapho ivuka, ibiqathaka."

148 Wathi, "Izoba lapho. Izobe isesiqwini ngqo." Saqhubeka senyuka. Futhi ngenkathi ngishiya imoto, ngaqala ukubuyela emuva futhi ngathi, "Kukhona okungahambi kahle. Kungcono ngitshele uTony manje. Ngoba, uma leyo ngwejeje ingekho kulowomgodi, kulesosiqu, angilokothi ngibuye nengwejeje, khona-ke ngendlela akhuleke ngayo izolo ebusuku, uzobe esalokhu ekholwa ukuthi ngikhulume amanga." Ngathi, "Nkulunkulu, Uyazi, neBhayibheli lami, ukuthi ngikhulume iqiniso elimsulwa." Futhi uNkulunkulu uyazi ukuthi lelo yiqiniso, ngasho iqiniso nje.

149 Futhi ngaqhubeka. Okuthize kungiqhubela phambili. Futhi ngahamba ngenyuka ngadabula emahlathini, ngizingela. Ngangilokhu ngicabanga, "Kungathiwani uma leyongwejeje ingekho lapho na?" Wanginika ummese wakhe wokuzingela, ukuze ngikwazi ukusika umgodi ube mkhulu, ukuze ngifinyelele phakathi futhi ngiyithole.

150 Futhi iNto ethize yathi kimi, "Uma ingekho lapho, noma uma ikhona phakathi lapho, kwenza mehluko muni na?"

151 Ngathi, "Uzo . . . Angeke angikholwe. Wakhuleka wathi, 'Uma siyithola ingwejeje, uzokwazi ukuthi umfowethu usitshele iqiniso.'"

152 Futhi loloGcobo olukhulu luyafika, lwathi, "Yisho nje ukuthi ingwejeje izoba phezulu lapho, futhi uzoyithola."

153 Ngacabanga, "Impela, Nkosi, impela lokhu kuzoba kasikhombisa, kuqondile, ngenkathi loluGcobo lusephezu kwami." Ngathi, "Ngabe nguWe lowo na?"

Wathi, "Yisho okuthandayo."

Ngathi, "Ngizakuyithola leyongwejeje." UGcobo lwangishiya.

154 Ngazingela ngaqhubeka kwaze kwagamanxa elesishiyagalolunye, esasifanele sikwenze. Behla, futhi bahamba bayolanda ezinye izinja ngaleyonkathi, babecabanga ukuthi yizo. Futhi ngaqhubeka ngakhuphuka igquma ligamenxe ihora lesishiyagalolunye, ngabuka emgodini, ngezwa ngokuthinta

ngizungeza, ngasika. Kwakungekho ngwejeje lapho, nhlobo, emgodini. Ngezwa ngokuthinta yonke indawo. Manje, engangikucosha kwakuyizimpande ezincane ezikahle zotshani, noma izimpande zezihlahla engangizicosha, futhi ngikuzwa kuwela endukwini, lapho ngifaka induku, futhi ngiyidonsa *kanjalo*. Ngacabanga ukuthi ngangicosha ingwejeje. Futhi yayishibilika endukwini, kodwa yizimpande ezincane nezinto. Akukho ngwejeje phakathi lapho. Ngacabanga, "Manje ngizokwenzenjani na?"

155 Ngathi, "Nakhu, ligamenxe elesishiyagalolunye. Ngizofanele ngibuyele emuva." Ngaqukula isibhamu sami ngase ngisuka ngehla egqumeni.

156 Futhi iNto ethize yathi, "Awushongo yini ukuthi uzoyithola ingwejeje na?"

Ngathi, "Ngingayithola kuphi na?"

157 UNkulunkulu engumahluleli wami onesizotha, neZwi laKhe lapha. Futhi ngiyindoda eneminyaka engamashumi amahlanu ubudala, umshumayeli weVangeli, ngimi kulelipulpiti. Okuthile kwathi, "Bheka ngaphansi kwalesosinqamu esincane segxolo."

158 Ngathi, "Nkosi, bengingeke ngiKungabaze ngalutho." Ngahamba ngaya ngale futhi ngacosha igxolo, futhi kwakungekho ngwejeje lapho. Ngacabanga ukuthi ngi . . .

Ngaphambi nje kokuba ngikwenze, into ethize yathi, "Ungathini uma ingekho lapho na?"

159 Ngathi, "O, izoba lapho." Ngalicosha futhi kwakungekho ngwejeje lapho. Ngabheka phansi, ngokumangala. Ngabona ucezu oluncanyanyana olumpunga luphuma ngaphansi kweqabunga. Ngaludonsa, futhi nakho kulele ingwejeje. Kukwenza kahle impela nje, lokho Ayekushilo ukuthi angikwenze.

160 Ngehla egqumeni ngahamba ngabatshela ngayo, futhi sajabula. Futhi lapho ngifika emotweni, uCharlie, emi khona lapho, uBanks. Babekhuluma. "Kwakungamangazi yini ukuthi uTony wayengasho into enjalo emkhulekweni wakhe, njengoba emthanda uMfowethu Branham na? Futhi kungani wayengangabaza izwi lakhe futhi asho lokho na?" Niyabo, wayeyodingeka akusho ngaleyondlela, ngoba uNkulunkulu wayazi ukuthi ngizoma epulpiti namhlanje ekuseni futhi ngisho into efanayo. Ufanele ubheke ukuthi indoda ithini, nokuthi-ke uNkulunkulu uthini. Lokho uNkulunkulu akushoyo kuyiqiniso.

161 Khona-ke ngacabanga, "Awu, makabongwe uNkulunkulu!" Ngehla. Saba nesikhathi esimnandi. Safika ekhaya.

162 UMfowethu George Wright, iminyaka, wayenza iwayini lesidlo. Manje-ke sengiyavala. Wenzele ibandla iwayini lesidlo. UMfowethu Roy Roberson emuva lapho, wangibiza futhi

wathi, "Mfowethu Branham, asehle siyothatha iwayini lesidlo kuMfowethu Wright," ohlezi lapha, yena nomndeni wakhe.

Manje lalelisisani lokhu, njengoba sivala. O Nkulunkulu!

163 Safika kwaMfowethu Wright, ekuseni ngovivi, futhi, njengenjwayelo, ukwemukelwa okukhulu. Futhi sakhuluma ngewayini. Futhi khona-ke u-Edith omncane, intombazanyana ekhubazekile ihlezi lapho, engiyithandayo, njengoba senza lapha etabernakele; hhayi mina kuphela, kodwa lelitabernakele, njengoba wayengudadewethu uqobo. Umndeni wakwaWright ubewumndeni omdala kunayo yonke, omunye wayo, nabakwaSlaughter lapha. URoy Slaughter nabo, nabakwaWrights, noma uNkk. Spencer, nabo babephakathi kwabadala kunabo bonke abebekade besetabernakele. Ngicabanga ukuthi abakwaWright bebekade beza lapha iminyaka engamashumi amabili nanhlanu noma engamashumi amabili nesithupha.

164 Ngakhuleka futhi ngakhuleka, ngaleyo ntombazanyana. Ngikhulekile, ukubona uNkulunkulu eyiphilisa. Futhi ngizibonile izinhlupho, ezinkulu kakhulu ngiso kunezayo, ziphulukiswa. Futhi ngizile ukudla, futhi ngikhulekile, futhi ngilangazelelile, futhi ngiyifunile iNkosi, ngezinyembezi, ngokuphulukiswa kwaleyo ntombazanyana. Umfo omncane ozihluphekelayo wayehlushiwe ngenkathi esewusana nje, mhlawumpe isifo esigoga izitho zomzimba kubantwana, lokho kwamdonsa izandla zakhe ezincane nezinyawo. Wahlupheka iminyaka eminingi. Futhi ngenkathi sikhuleka okokuqala, senzela yena, wama ukugula. Lowo unyaka... iminyakeni engamashumi amabili nesithupha edlule. Lapho ephathwa yisisu, noma yizinyo, ngokushesha nje lapho simkhulekela, ngiyazi ukuthi iNkosi izokuthatha. Kodwa lokho kuhlupheka...

165 Futhi ngimbonile ehleli lapha esakhiweni, lapho abanye abakhubazekile besukuma futhi bahambe, nezinhlupho nokunye nokunye. Futhi ngimangale, "Kungani leyo ntombazanyana ingahambi na? Nkosi, bonakala phezu kwakhe. Makuthi iNgelosi yokuKhanya isibekele umntwana, ukuze ngikwazi ukukhuluma, 'ISHO KANJE INKOSI.'" Ukube kwakukimi, ngangiyokukhuluma. Kepha akukho kimi. KukuYe. Futhi ngikubukile.

166 Futhi sasiza sibuya, wayefuna unogwaja. UMfowethu Wood nami saphuma sabulala onogwaja ababili, sabaletha kuye. Wayeselungiselele idina, uNkk. Wright nabo.

Futhi ngalesosikhathi...

167 UDadewethu Hattie Mosier, esanda kulahlekelwa ngumyeni wakhe. Ngazishadisa izithandani, eminyakeni ethile edlule. Bathola abantwana abakahle ababili. NoMfowethu Watt wabulawa. Umfana wakhe uqobo wamthola ngaphansi

kukagandaganda wakhe, ebondeke wafa. Futhi umfana omncane wayekade ephumule, futhi into ethize yenzeka kuye. UMfowethu Wood nami sehlela lapho ngobunye ubusuku, futhi sahlala kwaze kwaba sebusuku, lapho umama wakhe nomalume wakhe babehlala khona naye. NeNkosi yayimphilisile, futhi uhlezi ukhona namhlanje ekuseni. Unina wayemkhathalele. Lowo nyaka wobusha, waqala nje ukuphuma nezwe, eneminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, noma okuthize. Umfowabo omncane ezoba neminyaka eyishumi nambili, ishumi nantathu ubudala.

168 UDadewethu Hattie Wright, nonke niyamkazi. Simbiza ngokuthi uWright. Igama lakhe nguMosier. Kodwa ubekade engumuntu othembekile. Omncane, unkosikazi wasekhaya osekhulile, uhlala endlini enamakamelo amabili, emuva le phezulu emagqumeni. Phandle lapho nefosholo negeja, bezama ukuhlakula ugudluthukela endimeni yommbila, ukugcina umndeni wakhe omncane ndawonye. Usebenze ngokwethembeka.

169 Ngenkathi ngangihleli etafuleni, ngidla idina, ngangikade ngichaza ukuthi kwakuyini ukukholwa. Ngathi, "Futhi ukukholwa kunjena. Uma bengingabona umbono kaMfowethu Shelby ehlezi no *s'bani-bani,* futhi ngamunye ngendlela ababeyiyo." Futhi uDadewethu Hattie wayehlezi emuva le, ebheke ngakwelinye igumbi. Wayengenakho okuningi ayengakusho. Akakaze akwenze.

170 Futhi khona-ke sisakhuluma, bengiyothi, "Uma iNkosi ingikhombise umbono wokuthi kukhona okuzokwenzeka, khona-ke bengizokwenza, bengizokusho. Yilokho okuvusa ukukholwa kwami." Ngathi, "Uma iNkosi ingikhombisa okuzokwenzeka, khona-ke ngiba nokuzethemba. Kuzoba ngaleyondlela."

171 Ngenkathi Engikhombisile, ngathi, "Ngizoza khona lapha, uma leyontombazane encane, ehluphekile ihlezi lapho, neNkosi ingikhombisile ukuthi ibizophiliswa. Bengizoza khona lapha futhi ngime emzileni, ngibone uma yonke into yayingendlela impela Ayeyishilo. Bese-ke ngithi, 'ISHO KANJE INKOSI. Edith, sukuma uhambe.'" Ngathi, "Ubangayibona leyomilenze emincane iqaqeka, lezozandla ezincane ziqaqeka. Futhi ubezosukuma esuka lapho futhi ahambe, kube yinkazimulo kaNkulunkulu," ngathi, "uma bekungafika kanjalo." Bengilokhu ngibatshela ngalesisehlakalo. Ngase ngithi, "Niyazi . . . ngifuna ukunibuza okuthile." UMfowethu Banks Wood wayehleli eduze kwami, etafuleni. Bese olandelayo, ohlezi, ngaleyonkathi, uDadewethu Hattie wayehlezi emuva le. Nabafana babehlezi lapha, noNkk. Wright, noMnu. Wright. NoShelby ehlezi emuva ngakwesobunxele sami.

172 Manje lalelani. Ningakugeji lokhu; ukunikhombisa ukuzibusa kukaNkulunkulu.

173 Futhi ngenkathi sisakhuluma, ngathi, "Ngifuna ukunibuza okuthize. Yini ebeke lezozingweje lapho na? Akukho zingwejeje emahlathini. Ngangizingele futhi ngazingela. Futhi a—angisuye umzingeli ongcono kunabo bonke, kodwa bengizingela kusukela ngisengumfanyana. Futhi ngangizingele eduze, futhi—futhi zazisendaweni eyinqaba kakhulu, futhi ngendlela eyinqaba kakhulu bengingazibiza." Ngathi, "Yini ezibeke lapho na?"

174 Ngathi, "Angazi noma ngukuthi, ukuthi inkonzo yami ilungiselela ukuthatha uguquko, ukuthi uNkulunkulu ka-Abrahama uqinisekisa isithembiso saKhe, njengoba Enza ku-Abrahama ngenkathi wayephezulu esiqongweni sentaba, futhi wayedinga umhlatshelo, esikhundleni sendodana yakhe. UJehova-jira wenza isimangaliso, futhi wabeka inqama, amamayela ayikhulu emuva. Wayesohambweni lwezinsuku ezintathu. Futhi noma yimuphi umuntu ojwayelekile angahamba amamayela angamashumi amabili nanhlanu ngosuku. Khona-ke waphakamisela amehlo akhe futhi wabona intaba ikude. Futhi khona-ke waya entabeni, futhi wakhuphukela esiqongweni sentaba. Ngenkathi, inqama emuva lapho, imvu, izilwane zasendle ngabe zayibulala. Futhi, khona-ke, phezulu esiqongweni sentaba lapho kungekho manzi khona. Yavuka kanjani leyonqama lapho na? Kwenzekani na? UNkulunkulu wayedinga umhlatshelo, ukufakazisa ku-Abrahama ukuthi wayenguJehova-jira. Yena kanye uNkulunkulu wokudaliweyo wakhuluma inqama yabakhona. Manje, kwakungesiwo umbono. Wayibulala inqama, negazi laphuma kulesosilwane. Kwakungesiwo umbono. Kwakuyinqama."

175 Ngathi, "Lowo Nkulunkulu ofanayo," haleluya, "lowo Jehova-jira, UnguJehova-jira kakhulu namuhla njengoba Wayenjalo entabeni no-Abrahama." [UMfowethu Branham ushaye izandla zakhe kathathu—Umhl.] "Usengasiveza isilwane, kube yiNkazimulo yaKhe. Lezizingwejeje bekungesiwo umbono. Ngizidubulile. Igazi laphuma kuzo. Ngazihlinza futhi ngazidla. Bezingesiyo imibono. Beziyizingwejeje." Ngathi, "Lowo Jehova-jira ofanayo, ezama ukuletha isithembiso saKhe ngapha kimi, ebubanzini bami nasebuthuntwini bengqondo, Ubengakhuluma isidingo sami sibe khona, ngokufanayo njengoba Wayengakhuluma kuvele isidingo sika-Abrahama."

176 Kwakungengaphezulu kunoma ngakusho lokho, kwaze... uDadewethu Hattie, ehlezi lapho ekhala manje, wayengashongo zwi. Futhi wathi, "Lokho akulutho ngaphandle kweqiniso."

177 Washo into elungile. Washo nje njengoba uBanks asho ezansi lapho. Ngalizwa iphimbo lakhe, lapho Ledlula ngokushesha ezindlebeni zami, njengaphezulu emahlathini.

178 UNkk. Wright, ehlezi emuva lapho nentombazanyana yakhe, wayezama ukuhumusha okwakushiwo ngu-Edith. Angimuzwanga uNkk. Wright.

179 Futhi loloGcobo olukhulu lwadlula ngokushesha phezu kwami, wathi, "Tshela uHattie ukuthi uthole umusa emehlweni kaNkulunkulu." Ubani owayengacabanga na? Wathi, "Mtshele ukuthi akacele noma yini ayithandayo. Bese-ke uyakukhuluma, ngalesisiphiwo, kube khona. Noma yini ayicelayo, kukhulume kube khona."

180 Ngabuka kuDadewethu Hattie. Isikhathi sokuqala ukuba kwenziwe esidalweni esingumuntu. Ngathi, "Dadewethu Hattie, cela okuthandayo. UNkulunkulu uzokunika khona."

181 Nicabangani ngalokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngabe kungenile kini na? Izikhathi eziyisikhombisa Ukuqinisekisile, ngesilwane. Isikhombisa inombolo ephelele kaNkulunkulu. Lapha yisikhathi sokuqala esidalweni esingumuntu. Futhi, Yena, yini Ayikhetha, isilomo esikhulu, umfundisi odumile omkhulu na? Owesifazane ongumfelokazi omncane ompofu okwakunzima ukubhala igama lakhe. UNkulunkulu uyakwazi Akwenzayo.

Wathi, "Cela okuthandayo."

UHattie wathi kimi, "Mfowethu Branham, uqonde ukuthini na?"

182 Ngathi, "Cela noma yini inhliziyo yakho ekufisayo, futhi kuzovezwa khona lapha, ukuze uzokwazi ukuthi iNkosi uNkulunkulu waseZulwini iyaphendula, futhi imiBhalo yaYo iyiqiniso."

183 Isikhathi sami sokuqala ngesiphiwo esisha; uGcobo lwami lokuqala. Ngangingamuzwa kahle. Futhi waqalaza. Sasikade silokhu sikhuluma ngodadewabo omncane, okhubazekile. Ngathi, "O, akungabazeki," enhliziyweni yami, "emizuzwini embalwa u-Edith omncane uzobe esegxumela enkazimulweni kaNkulunkulu."

184 UHattie waqalaza, nxazonke. Futhi wathi, "Mfowethu Bill, isifiso sami esikhulu ukusindiswa kwabafana bami ababili." Ukuthi u. . . Ngani, bekungeke kube khona into enkulu. Ubengacela izinkulungwane eziyishumi zamadola, ubezowathola. Bekungathiwani ukube bekungomunye usozigidi ubezocela esinye isigidi? UNkulunkulu wayazi ukuthi wayezocelani.

185 UDadewethu Hattie, okungenani, ofakazi abayisikhombisa noma abayisishiyagalombili bemile lapho. Nonke nina bantu obekhona ngenkathi lokho kwenzeka, phakamisani isandla senu. Wonke umuntu esakhiweni, wayekhona, lokho kwenzeka; oyedwa, ababili, abathathu, abane, abayisihlanu, abayisithupha, abayisikhombisa. Abayisikhombisa babo.

Abayisishiyagalombili babo. Abayisishiyagalombili babo babekhona ngenkathi lokho kwenzeka.

186 Ngathi, "Cela noma yini oyifunayo. Isizathu, uNkulunkulu unginikile khona, ukuba ngikunike khona, noma yini oyifunayo."

187 Wathi abafana bakhe base beqala ukuphumela ekuthukutheleni okungalawuleki kwentsha. Futhi wathi, "Ukusindiswa kwababafana bami ababili."

188 Ngathi, "Ngentando kaNkulunkulu, ngamandla kaNkulunkulu, ngiyakunikeza, eGameni likaJesu Kristu, isifiso sakho." Futhi abafana bakhe ababili bathuthumela ngaphansi kwaMandla kaNkulunkulu. Futhi leso sakhiwo sonke sathuthumela. UBanks wawela epuletini lakhe. UShelby wabamba. Futhi uHattie wamemeza kuze kuthi wawungamuzwa ebangeni lezindlu zasedolobheni ezimbili. Futhi labobafana ababili, nezinyembezi zehla ezihlathini zabo, bemukela ncamashi lokho ababekucelile, khona lapho. O!

189 Isikhathi sokuqala ukuba kuke kusetshenziswe esidalweni esingumuntu. "Cela okuthandayo, futhi uzophiwa khona." Abafana bakhe, behlezi lapho naye, namhlanje ekuseni.

190 Wayeyocelani na? Bekungathiwani ukuba wayecele ukuphulukiswa kukadadewabo omncane na? Bekungathiwa ukuba wayecele lokho na? Intombazanyana ibiyophulukiswa, kodwa abafana bakhe ababili balahleke. Kungathiwani uma . . .

191 Lowomfelokazi ozihluphekelayo, owayesanda kungitshela ukuthi uzame ukunikela kulelibandla amadola angamashumi amahlanu ngesibambiso, ukusiza ekwakheni isonto elisha. Futhi uMfowethu Roberson akavumanga ukuwathatha, futhi wamvumela kuphela ukuba anikele ngamashumi amabili ayo. Futhi ngathi kimina, ngenkathi wayekhuluma, "Ngizombuyisela amashumi amabili."

192 Kodwa uNkulunkulu wathi kimi, enhliziyweni yami, manje, hhayi ngombono, enhliziyweni yami, "Ngenkathi uJesu wayemile, ebuka umfelokazi efaka odenariyu abathathu, lapho kwakubekwe khona izinkulungwane zamadola, wawuyokwenzenjani na?"

193 Ngathi, "Awu, ukuba bengiyobe ngimi lapho, ngathi, 'Asikudingi, dadewethu. Sinemali eningi.'" Kodwa uJesu akazange akusho. Wamyeka waqhubeka futhi wakwenza, ngoba Wayazi ukuthi yini eyayizansi emgwaqeni.

194 Ngakho-ke ngisize, Nkulunkulu njengomahluleli wami onesizotha, uNkulunkulu wayazi lokho okwakusezansi emgwaqeni wakhe. Futhi ngafaka isandla sami ephaketheni lami, ukuba ngithole ibhuku lami lokubhalela, ukumbuyisela amadola angamashumi amabili akhe, futhi ngithi, "Dadewethu Hattie . . ."

Kodwa Wathi, "Ungakwenzi."

195 Futhi-ke emizuzwini embalwa, ngenkathi umbuzo uphakanyiswa ngoJehova-jira, wathi, "Lokho akulutho ngaphandle kweqiniso." Futhi kuphuma enhliziyweni yowesifazane ongumfelokazi ompofu, uNkulunkulu azi ukuthi uzocela into enkulu kunazo zonke engenziwa. Inqobo nje uma kukhona iZulu, lapho izinkanyezi zingasekho, lapho inyanga ingasekho, umhlaba ungasekho, ulwandle lungasekho, labobafana bayophila baqhubeke bedlulele ePhakadeni noJehova-jira ofanayo Owanikeza isithembiso esingafi. Izithembiso zaKhe angeke zehluleke.

196 Ngibheke phambili ekufikeni kwalomhlangano ezansi lapha eSan Jose. O, uma nje ungavele uqubuke! Manje lapho uGcobo lushaya, "Cela okuthandayo." Nginesiqiniseko esiphelele ukuthi lapho Lokho kugadla, futhi noma yini uNkulunkulu ayibekile ukuba icelwe, kuzoba ngaleyondlela ncamashi. Kuzofanele kube njalo, "Ngokuba uma usho kulentaba."

197 Niyabo, akusuwe okhulumayo. Akusuwe. NguNkulunkulu. Nguwe, ngakho—ngakho ziyise kuNkulunkulu.

198 Manje bhekisisani abaprofethi basendulo, lapho sesivala. Abaprofethi basendulo, ngenkathi bebona ukuFika kweNkosi uJesu, babeseMoyeni kakhulu baze bakhulume sengathi kwakuyibo. Bukani uDavide kumaHubo, amaHubo 22, ekhala, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, Ungishiyeleni na?" Kwakungesiye uDavide; kwakunguKristu, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva. "Onke amathambo ami angigqolozele. Baphukule imilomo. Bajanquzisa ikhanda labo." Wathi, "Wasindisa abanye, kodwa Yena uqobo Akakwazi ukuzisindisa." UDavide, ekhuluma sengathi kwakunguyena uqobo. Kodwa kwakunguMoya kaNkulunkulu kuye; uKristu, ekhuluma phambili.

199 O, makadunyiswe uNkulunkulu, engena eBandleni laKhe, ekugcwaleni kwaMandla aKhe, ehamba phakathi kwabantu baKhe, elula amaphiko aKhe amakhulu omusa. MaKadunyiswe!

200 Anginaso isikhathi sentshumayelo yami. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

201 Ngabe ukhona oyedwa lapha, kulokhu ukusa, noma bangaki ababo olapha, owaziyo ukuthi awukulungele ngalesisikhathi ukuhlangana noNkulunkulu na? Ungaziphakamisa izandla zakho, bese uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." Asikwazi ukukuletha e-altare, ngoba ama-altare agcwele phama. UNkulunkulu akubusise, mfowethu; wena, dadewethu; wena, mfowethu; wena, nawe emuva lapho, nxazonke; wena, nenekazi elincane; wena, mfowethu; emuva le ngemuva, nxazonke. UNkulunkulu uyazibona izandla zakho.

202 Uma Engaletha inqama ibekhona lapho kungekho nqama, uma Engaletha izilwane zibekhona, uma Esikhathalele isihlahla somkhiwane esincane esikhula eceleni kwegquma, noma encane, inhlanzi efile ilele emanzini, Usazi kakhulu kangakanani isifiso sakho! Futhi okwakho. . . Impela, Uyakwenza. Uyazi ukuthi niyaMdinga. "Celani, futhi nizokwemukela. Uma nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela enikucelayo." Ngabe lowo bekunguMoya oNgcwele ophakamise isandla sakho na? Uma bekuyiwo, khona-ke uGcobo luphezu *kwenu*. Khona-ke khulekani, futhi nikholwe nguNkulunkulu, futhi nizoba nakho enikushilo.

203 Baba waseZulwini, njengoba lolusuku lukhula lusondela kwimini, futhi sengibe nesikhathi eside lapha kulokhu ukusa, kulendaba yomusa waKho wobuNkulunkulu, ngokweZwi laKho. Kulotshiwe emiBhalweni, ukuthi uJesu iNkosi yethu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza." Futhi siyazi ukuthi leyomisebenzi iyiqiniso. Wawukwazi ukwahlulela imicabango yabantu. Watshela uPetru ukuthi wayengubani, ukuthi igama lakhe wayengubani, ukuthi ubaba wakhe wayengubani. Watshela uFiliphu ngenkathi eletha uNathanayeli, noma watshela uNathanayeli, njalo, ukuthi Wambona phansi komuthi ngaphambi kokuba eze. Watshela owesifazane, emthonjeni, ukuthi wayenamadoda amangaki. O, akukho lutho olufihliwe kuWe. Wawazi izinto zonke. Futhi leyo kwakuyimisebenzi yaKho. Khona-ke, siyakubona Usho kulesosihlahla somkhiwane.

204 O Nkosi, ngiyakholwa ukuthi ihora liyeza masinyane, ukuthi lapho izinkwa nezinhlanzi zizokwanda. Kuzofika uphawu lwesilo, masinyane. Kuzofika umfelandawonye wamabandla. Futhi bazokhipha uphawu, ibandla elenziwe inyunyana, ukuthi, "Akekho umuntu ongathenga noma athengise." Futhi iBandla laKho, angeke libakhathaze, ngoba uMoya waKho oNgcwele uyobahola futhi ubondle, njengoba wenza ku-Israyeli ehlane. Wena unguNkulunkulu. Ungasivumeli sigejwe yilokho, Nkosi. Masihlale, ngokwethembeka. Masibe neqiniso.

205 Manje angazi nje ukuthi lokhu kuzokwenzeka nini futhi, Nkosi. Mhlawumbe kulokhu ukusa, futhi. Mhlawumbe kuzophinda kwenzeke etabernakele namuhla. Ngethemba ukuthi kuzoba njalo, Nkosi. Ngethemba ukuthi Uzobeka ukukholwa ezinhliziyweni zabantu, futhi bazi ukuthi angidukisanga noma ngasho into eyodwa engafanele. Ngikusho nje ngendlela okufika ngayo, ngokwazi kwami okwedlula konke enhliziyweni yami, Nkosi, ngibuka amazwi ami futhi ngiwalinganise. Ngazi ukuthi Ukuqinisekisile lokho kimi, njengoba ngishilo, kasikhombisa. Futhi ngazi, masinyane emva kwalokho, esidalweni esingumuntu sokuqala engake ngakhuluma naso, waba nesifiso senhliziyo yakhe, ngomzuzwana akhuluma ngawo.

206 Manje, Nkosi, kunezifiso eziningi phakathi lapha kulokhu ukusa. Uzofanele ugcobe inceku yaKho, Nkosi. Uma nje Uzovele uthumele uGcobo! Mangibe naLo, kulokhu ukusa. Uma noma ngubani edinga, vele Ukukhulume kimi, Nkosi, lapho bekhuluma, noma noma ngabe nini, noma ngabe ngubani Omfisayo. Futhi makwenzeke.

207 Manje, ngiyazi ukuthi okushiwoyo-ke, akuzukuba yimi, kuzoba nguWe, Nkosi, ukhuluma. Ngiziletha qobo lwami kuWe, futhi ngaphambi kokuba ngishiye kulenkonzo, uhlobo oludala, lwemibono nokunye nokunye, kuleli-altare, lapho enganikela khona impilo yami kabusha; kusukela ekushumayeleni iVangeli, kuye ezibonakalisweni nezimangaliso. Ngiyazinikela qobo lwami futhi kulokhukusa, kuWe, Nkosi, ngenxa yenkonzo. Isikhathi sokuqala lokhu ukuba kuxoxwe. Isikhathi sokuqala, Nkosi, ukuthi Kubonakaliswe. Nakhu kuhleli ofakazi.

208 O Nkosi Nkulunkulu, uma kukhona noma yini Ongayisebenzisa kuloluhlaka oludala lwami, ngingowaKho, Nkosi. Ngithathe, futhi ungibumbe, futhi ungilungise, futhi wenze okuthile, Nkosi, okuzohlonipha futhi kuKudumise. Kusabalalise phakathi kwabanye abefundisi. Kuthumele emagumbini amane omhlaba. Amahora aseba leyithi. UJesu uyeza.

209 Busisa abantu baKho, ndawonye. Sindisa abalahlekile. Bonke abaphakamise izandla zabo lapha, kulokhukusa, basindise, Nkosi. Banikeze uMoya oNgcwele. Kwangathi izimpilo zabo zinganikelwa kuWe.

210 Lelibandla elincane, Nkosi, umelusi, nawo wonke umelusi lapha, wonke umvangeli, uthisha, lonke ilunga lanoma yiliphi ibandla. O Nkulunkulu, njengebandla labantu, siyazinikela kuWe. Sithathe futhi usisebenzise, Nkosi. Singabakho, futhi silindele ukuza kuWe ngelinye ilanga, ngokuthula.

211 Manje uma bekhona abagulayo noma abahluphekileyo, sengathi bangaphulukiswa, kulokhu ukusa. Kwangathi umusa waKho nezibusiso zaPhakade zingahlala phezu kwabo, njengoba sibakhulekela, ngokubeka izandla zethu phezu kwabo futhi sikhuleke. Sengathi uMoya oNgcwele ungafika futhi wenze umsebenzi Awumisela ukuba wenziwe. Siphe khona, Baba. NgoJesu Kristu, sicela lesisibusiso. Amen.

212 Nginitshele iqiniso elithembekile. Njengoba nje uNkulunkulu ekwambulile, futhi ukwenzile, ngokwethemba nginitshele iqiniso. Futhi manje ngifuna ngokukhuthazela futhi ngifisa imikhuleko yenu. Ngiyabona ukuthi indoda engangami, eneminyaka engamashumi amahlanu ubudala . . .

213 Ngokunye ukusa, ngasho kunkosikazi, "Sengivele nginamashumi amahlanu, s'thandwa. Uma kukhona engikwenzela iNkosi, ngifanele ngisheshe."

214 Wathi, "Bill, uNkulunkulu waqeqesha uMose iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili." Futhi wathi, "Angakuqeqesha eminye iminyaka engamashumi amahlanu, ukuthola inkonzo yosuku olulodwa kuwe. Unenhloso ngawe, ngakho yima nje uthule." Ngacabanga ukuthi lokho kwakuwubuhlakani obuningi, "Yima uthule."

215 UNkulunkulu unyakazisa zonke izandla ngokwecebo laKhe elikhulu nje. Thula nje. Ungazami ukwedlula... ukuzama ukuphusha. Uba ngaphambili kwaKhe, ngaleyonkathi. Kungcono kakhulu ukuzama ukulandela kunokuba kunjalo ukuhola, ngoba Ungumholi.

216 Manje, ebandleni lami elincane lapha, umhlambi wami omncane obuthembekile kakhulu, futhi ungikhulekele, emhlabeni wonke jikelele. Ngikholwa ukuthi kukhona okunye ukuzamazama komhlaba wonke okuzayo. Lezizinto enginitshele zona ziyiqiniso. NgoSuku lokwaHlulelwa, ngizobhekana nani ngaleya ngendaba efanayo, ngeqiniso nje njengoba ngimi lapha.

217 Manje, ngineqiniso nonke ningabona ukuthi kuyini. Kungukuza kolukhulu kakhulu, uGcobo olujulile lukaMoya oNgcwele. Ungena kanjani kuLo, angazi. Into kuphela engiyaziyo, kuthatha uNkulunkulu ukukufaka kuLo. Ngakho-ke, wena hlala nje kamnandi, futhi uthobeke, futhi usondele kuNkulunkulu ngangokunokwenzeka. UngaMngabazi. Kholwa nje ukuthi yonke into isebenza nje kokuhle, ngenxa yakho, futhi yonke into izosebenza nxazonke kahle. Niyabo?

218 Khumbula nje, wena uyimvu. Yena uyiJuba. Futhi ijuba lihola iwundlu. Ngenkathi...Futhi iwundlu nejuba linemvelo efanayo. Ijuba lingemnene kakhulu ukuzedlula zonke izinyoni zezulu. Iwundlu lingesimnene kakhulu ukuzedlula zonke izilwane zomhlaba. Ngakho-ke, niyabo, imimoya yazo ibiyovumelana enye nenye. Manje, ijuba belingeke lize empisini. Niyabo? Belingeke lihlale lapho. Impisi ingumbulali. Iwundlu limnene.

219 Ngakho-ke, niyabo, yiWundlu neJuba, futhi omunye ehola omunye. Futhi niyabona lapho iJuba liholele iWundlu khona na? Yonke indlela eya eKalvari, yokubethelwa. "Futhi Akawuvulanga umlomo waKhe." Ngenkathi beMphimisela, Akazange aphindisele. Ngenkathi beMshaya, Akazange aphindisele. Wavele wahamba waqhubeka nje, azi ukuthi Waye, ngokwenkazimulo kaNkulunkulu, Wayenza intando kaNkulunkulu.

220 Dadewethu Hattie, sisondelene ngeminyaka efanayo. UMfowethu George Wright lapho, ubaba wakhe, nabafana bakhe, umama, uShelby.

221 Ngifuna ukusho lokhu. Ngicabanga ukuthi niyazibuza ukuthi kungani ngisukume ngaphuma endlini ngokukhulu ukushesha njengoba ngenzile. Angikaze...Bengilapho

izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabahedeni abaluhlaza yasindiswa khona ngasikhathi sinye, eNingizimu Afrika, beza kuKristu. Ngangicabanga ukuthi lokho kwakuwuGcobo olukhulu ukwedlula lonke engake ngaluzwa. Akukaze, akukho zindlela, okungaqhathaniswa nalokho phansi kwaGeorge Wright, ngeliny'ilanga. Angikaze ngizwe noma yini efana naLokho. Igumbi lonke lalibonakala nje li—lingukuKhanya kweNkazimulo kaNkulunkulu.

222 Manje, uDadewethu Hattie ungothula kakhulu futhi owesifazane omncane okukhuthalele ukukhonza, akalokothi aphakamise izwi lakhe nganoma yini. Kodwa ubungakuzwa ukumemeza kwakhe, ibanga lendlu yedolobha, ngenkathi uMoya oNgcwele ugadla endlini. Wonke umuntu, wonke umuntu lapho, waKuzwa. Kwakumangalisa. Singaphila isikhathi eside, kodwa, Dadewethu Hattie, inqobo nje kusenenkumbulo engqondweni yethu, sizokukhumbula lokho, noDadewethu Wright.

223 Manje, ukuze abantu bangahle bazi ukuthi ngisho lokho okuyiqiniso ncamashi, ungasiphakamisa isandla sakho, Dadewethu Hattie, ukuze, ukuthi, Dadewethu Wright nani nonke owayelapho, owayelapho nje, ukuze nje ningabona. Niyabo? Nampaya.

224 Lapha, sukuma, Dadewethu Hattie. Nango owesifazane ongumfelokazi omncane okwenzeka kuye isimangaliso, owokuqala. Kwedlula bonke abantu bomhlaba, ukuba leyonto yenzeke kuqala kulowo ompofu, omncane, owesifazane ongumfelokazi othobekile enhla emmangweni, phezulu lapho ezama ukukhulisa isitshalo sommbila emhlabathini wesikhuphasha phandle lapho, ukuba anakekele abantwana bakhe. Yilowo uNkulunkulu amhlonipha, okokuqala kusukela ezinsukwini zika . . . zikaJesu Kristu, futhi wathi, "Cela okuthandayo."

225 Ngathi, "Ngiphonsela inselelo noma ngubani, eGameni leNkosi. Ngenkathi lowo Moya ugadla futhi usho lokho, angikhathali ukuthi yini oyicelayo, uyophiwa khona."

226 Uyazi ukuthi kungani izicebi zingazange zikuthole, noma abafo abakhulu kanjalo na? Kungenxa yokuthi uNkulunkulu wayazi ukuthi bazocela izinto ezingabalungele.

227 UKunikeza abantu Abaziyo ukuthi bazocela into elungile. Futhi yini enye lowo wesifazane . . . Yini enye na? Ngitshele noma yini nje ayengayicela enkulu kunalokho. Unina noyise basindisiwe. Udadewabo omncane usindisiwe. Wonke umndeni wawusindisiwe, ngaphandle kwabafana ababili, ngalesosikhathi. Babengasindisiwe.

228 Bangabantu abampofu. UShelby wangitshela ukuthi imali ayitholayo njalo, ngesitshalo esihle, uthola inzuzo yamadola angamakhulu ayisithupha ngonyaka. Esebenza umfana aze abe neminyaka engangeyami, futhi konke sekuhlakazekile, yonke

into. Futhi esebenza, enakekela ubabayi wakhe nonina, futhi sebekhulile, futhi ezama ukunakekela omncane, udadewabo ohluphekile. Kepha usindisiwe. UMfowethu Wright, bonke, basindisiwe.

229 Kodwa labo bobabili wayengasindisiwe. NoHattie wacela insindiso yabantwana bakhe, inqobo nje uma kukhona iPhakade. Wayengacela izinkulungwane eziyishumi zamadola, futhi usezitholile. Wayengacela noma yini ayifunayo. Kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi wena uzocelani, ngaphambi kokuba aze abeke uGcobo. Kunjalo.

230 Dadewethu Hattie, ngabe kuyiqiniso, ukuthi ngathi, "Cela noma yini oyifunayo. Noma yini inhliziyo yakho efiyisayo, kucele, Hattie"? Ngabe kunjalo, Dadewethu Hattie na? Niyabo? Niyabo? "Cela noma yini oyifunayo, akwenzi mehluko ukuthi kuyini. Kucele. UNkulunkulu wayeshilo kimi, 'Kukhuluma nje noma yini akucelile, futhi uzoba nakho.'" Ngathi, "Kucele manje, noma yini oyifisayo." Futhi wakwenza.

231 O, mfowethu, dadewethu, uyalubona usuku esiphila kulo na? Isikhathi esikhazimula kunazo zonke, lapho uNkulunkulu waseZulwini ezobeka phakathi kwesidalwa esingumuntu, ukuthi, "Cela noma yini oyithandayo, futhi Uzokunika khona." Hhe! Ku—kujule kakhulu emqondweni wami. Ngiyakwazi lokho. Kodwa ngiyethemba, enhliziyweni yami, kungaqukatha okuningi kwaKho ngangengingakwenza. Khona, nje ku. . . ngiphile kuKho. Ngiphumelele kuKho. Ngiya ngasentshonalanga ngaKho. Ngingena emihlanganweni ngaKho. Ngiphila ngaKho. AmaZwi kaNkulunkulu liqinisile.

232 Manje, ngokwazi kwami, leyo yinto yokugcina ukuba yenzeke. Angakwazi okunye, ukuthi bekungaba yini, ukukunikeza isidalwa esingumuntu nje, "Cela noma yini oyifisayo, akunandaba ukuthi kuyini. Kucele nje, futhi uzokunikwa."

233 Futhi ungabubona ubuhlakani na? Bangaki okukholwayo lokho, ukuthi lowo wesifazane wacela into enkulu kunakho konke okungacelwa na? Ake sinibone. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ubungathini nje? O—owesifazane enodadewabo ohluphekile, ubengacela ukuphiliswa kwakhe. Owesifazane ompofu, nonina nobabayi wakhe, bempofu, futhi bonke bempofu, ubengacela imali futhi ayithole. Wayengacela iminyaka ukuba yengezwe empilweni yakhe, futhi akuthole. Kodwa wacela into enkulu kunazo zonke ebingacelwa, insindiso yomndeni wakhe ongasindisiwe, futhi wakuthola. Amen. Leyo yinto esemqoka. Ukuthole, ngoNkulunkulu ofanayo onikeza isithembiso. UnguNkulunkulu. O, ngiMthanda kanjani!

234 Manje siya. . . Ngabe bakhona abagulayo abazokhulekelwa na? Phakamisa isandla sakho. Owesifazane ushaye ucingo ebusukwini obumbalwa obedlule. Kukhona abathathu babo,

ngiyakholwa, abavela eCalifornia noma okuthize, bangitshelile. Lowo othe, "Sizile kabili noma kathathu, futhi ukhiphe amakhadi omkhuleko, futhi izinombolo zethu azibizwanga." Ngimenzele isithembiso, uma ezohlala lapha ize iphele, ukuthi ngizovele ngikhulekele abagulayo kulokhukusa.

235 Bangaki abakade belapha ngenkathi sibe nokubona okufihlakele nezinto na? O, nonke, ngiyacabanga, wonke umuntu olapha. Niyabo? Siyazi ukuthi lokho kuliqiniso. Sihamba ngale kwalokho manje. O, makabongwe uNkulunkulu! Sihamba ngale kwalokho manje. Mhlawumbe kuzofezeka . . . Angazi ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani kulokhukusa.

236 Kodwa nina bantu abagulayo nabahluphekile, ngizonicela ukuba nize nje, abambalwa ngasikhathi. Makuthi laba abangakuloluhlangothi *lapha*, benyuke, ukuze sizokhulekela laba abakuloluhlangothi kuqala. Mhlawumbe ngingakubamba kanjalo. Yenyukela khona lapha, dadewethu. Mana emugqeni nje lapha. Isizathu asinakho . . . Bazodingeka babathumelele emuva phansi esikhaleni sezihlalo esifanayo, odabeni lwabo lokubuyela emuva endaweni efanayo.

237 Bengingayisho indlela lomfo omncane akhulume ngayo, kulokhukusa, uyakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, ngiyazi, futhi ngiyakholelwa eMandleni kaNkulunkulu. Ngabe ukhona omunye umfundisi lapha, namhlanje ekuseni, ongu— umfundisi okholwayo ukuthi uNkulunkulu uyabaphilisa abagulayo na? Uma ekhona, makakhuphukele lapha, ngamunye. Nonke wozani lapha futhi nime nathi sisakhulekela laba, laba abagulayo nabahluphekileyo. Noma ngubani kini bazalwane abakholwayo ukuthi uNkulunkulu uyabaphilisa abagulayo, uNkulunkulu akubusise, mnumzane, woza khona ngaphambili. Sifuna uze khona lapha kanye nathi. [UMfowethu Branham uyama imizuzwana eyishumi—Umhl.]

238 Manje asazi ukuthi uMoya oNgcwele ungenzani. UMoya oNgcwele ungahle, ngalesisikhathi, wenze njengoba Wenza ezansi kuDadewethu Wright ngelinye ilanga. Ngiyethemba ukuthi Uzokwenza. Angazi. Niyaqonda na? Bangaki abaziyo . . . Awu, akekho abaningi benu abasele lapha, lapho imibono iqala ukuqalisa. Angazi ukuthi izofika ngasiphi isikhathi, nokuthi izokwenzani. Yonke into isentandweni kaNkulunkulu futhi ifanele ilawulwe nguNkulunkulu. Bangaki okwaziyo lokho na? UNkulunkulu angeke anike abantu izinto ukuzilawula, qobo lwabo. Uma bakwenza, khona-ke, niyabo, bekungeke kube nguNkulunkulu. Bekungeke kube nguNkulunkulu. Bekungaba . . . Ngifuna nicabange lapha, bangane, kulendawo encane ephansi, kodwa kanjani ukuthi iNkosi ngokoqobo, Mfowethu Mike, ngale kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, usibusisile, futhi wenza futhi wenza khona impela Athembisa ukuthi Uyokwenza.

239 Bangaki abake bezwa ngombono ophakeme ngaphezu kwemizwa na? Abaningi benu bakwenzile. Aku—kuyilutho nje ngaphandle kwezinsumansumane, ukukholwa yimimoya. Kodwa, niyazi, abakwazi . . . Lezozinto azihlali isikhathi eside. Azibambeleli. Abasoze bathola lutho oluphathekayo. Bazohlala phansi lapho futhi babe . . . Bathi, "Nanko umoya. Nanko umoya." Futhi bazozama ukuthatha isithombe sawo, noma okuthize. Angeke bakwenze. Niyabo? Kungukuthi nje akukho lapho. Kungokuphathelene nengqondo, kwengqondo. Niyabo?

Kodwa lokho uNkulunkulu akwenzayo kuphelele.

240 Ngenkathi uMose ephonsa phansi induku yakhe, umlumbi waphonsa phansi induku yakhe, naye. Zombili zaphendulwa izinyoka. Ngabe kunjalo na? Kodwa kwenzekani ngenduku kaJane noJambre na? Induku kaMose yayigwinya lombolozi. Futhi lapho uMose ecosha induku yakhe, yayisalokhu iyinduku. Kodwa yayikuphi induku yabo na? Ngaphakathi kwenduku kaMose. Niyabo? Ubungeke uyibone. Uma uNkulunkulu enza noma yini, Uyenza ibe ngeyangempela.

241 Manje bangitshela ukuthi, "UMoya oNgcwele, niyazi," bathi, "lokho ngabantu nje abasetshenziwe. Kungokomqondo. Leyo mibono nezinto, lokho kungukufunda umqondo nje."

242 Awu, ngenkathi uGeorge J. Lacy ehlola lesosithombe lapho, ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi, abaningi benu bemile lapha baSibonile emfuleni, futhi izikhathi eziningi. Wathi, "Mfowethu Branham, iso lomshini lalekhamera aliyithathi isayensi ephathelene nokusebenza kwengqondo." Wathi, "UkuKhanya kwakulapho. Nakhuya." Kuhlala njalo. Yiqiniso. Ngakho-ke, niyabo, yiNgelosi kaNkulunkulu efanayo. Manje Kubukeni. Imvelo yaKho iyaKufakazela.

243 Ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Kwakuhlala eNkosini uJesu Kristu, OwayenguNkulunkulu owawenziwe wabonakaliswa. Futhi manje uJesu wathi, "Kuseyisikhashana nezwe angeke liphinde liNgibone, nokho, nizoNgibona nina, ngokuba Ngizakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Futhi izinto enizenzayo, eNgizenzayo, niyakuzenza nani."

244 Manje Kubukeni, uma Kufika. Umuntu angasho noma yini, kodwa uma uNkulunkulu ekusekela lokho, lokho kukwenza kube yiqiniso. Manje bhekisisani imvelo yaleyoNgelosi. Uma Ethola umuntu ozinikele kuYe kakhulu, Wenza izinto efanayo uJesu ayenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni. Ngoba, singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, uma sazalwa ngoMoya waKhe. Niyabo? Futhi akuyona into eyinsumansumane. Inobufakazi bokukufakazisa. Kukhombisa ukuthi kulungile. Ngakho-ke insindiso yethu iphelele ngokoqobo.

245 UNkulunkulu waseZulwini, Owayenabo bonke abaprofethi ukuba bakhulume ngokuFika kweNkosi uJesu. Futhi uJesu, ngenkathi Efika, Wagcwalisa sonke isiprofetho. Eziningi zazo sagcwaliswa esiphambanweni, "elinyazwe ngenxa yeziphambeko zethu," nalokho uDavide akusho, "Nkulunkulu wami, UNgishiyeni na?" Kodwa uma uNkulunkulu ethumela umprofethi, umprofethi uyakhuluma, uNkulunkulu wenza lokho kube yiqiniso, uma kunguNkulunkulu. Yilapho Athi khona, ukubazi. "Uma bekhulumile, futhi abakushilo kufezeka, khona-ke bakholweni, ngokuba Nginabo; uma kungenzeki, khona-ke aba—abanjalo. Bangababaprofethi bamanga." Wathi, "Kodwa, ukuziphawula, bona ukuthi ziyafezeka yini."

246 Manje bukani. Uma . . . uNkulunkulu, Owakhuluma kumprofethi ongcwele, wakhuluma ngokufika kukaMesiya, enkazimulweni nodumo lukaNkulunkulu.

247 Ukube bengazi ukuthi ngubani ozoba ngumongameli ngenkwindla elandelayo, futhi bengingakusho, lokho bekungaba yisiprofetho. Kunjalo. Kodwa uNkulunkulu akaprofethi kanjalo, ukuze nje, o, ukuba kudlalwe nje. UNkulunkulu wenza okuthile ukudumisa Yena. Niyabo?

Kodwa ngenkathi uMesiya efika, nalapho uMesiya esehambile . . .

248 Ngifuna ukunibuza, nonke nina maMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, amaKatolika, amaLuthela, amaPentecostal, amaNazarene, iPilgrim Holiness, nonke. Ngifuna ukunibuza okuthize. Anicabangi ukuthi leyoNkosi yabaprofethi, uJesu, ubeyokwazi ukuthi alimise kanjani iBandla laKhe uqobo na? Uma bonke abaprofethi bekhulume ngaYe, futhi bekhomba kuYe, hlobo luni lweBandla alimisa na? Ngenkathi Ehambile, Wathi . . . Ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Watshela uPetru, "Esambulweni seZwi likaNkulunkulu," Wathi, "phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo angeLahlule." Akunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Ngenkathi Waye . . .

249 Ngaphambi kokuba Ahambe, kuMarku 16, Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngabe Wakusho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka, baphuze izinto ezibulalayo." Washo futhi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Ngabe kunjalo na? ["Amen."] Lokho izibonakaliso ezizolandela iBandla laKhe. Akusilo ihlelo. Yinhlangano emisiwe egcotshwe nguNkulunkulu, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, iBandla elizalwa eZulwini, eliphuma kuwo wonke amahlelo, isigejane sabantu esikholwayo ngempela.

250 Lababefundisi abami lapha bahambisana nami nje. Singamadoda. Yena unguNkulunkulu, kodwa silapha ukumela

Yena. Silapha ukuzokutshela ukuthi si . . . UNkulunkulu usithumile ukuthi senze lomsebenzi, ukubeka izandla phezu kwabagulayo. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela." Lezozibonakaliso, zonke izibonakaliso Akhulume ngazo, zizolandela ikholwa. Nazi, zilandela. Ziyalandela.

251 Futhi uNkulunkulu akakhethi-muntu. Akwenzela uHattie, Uzokwenzela khona. Akwenzela izimpumputhe, Uzokwenzela khona, mpumputhe. Akwenzela isithulu, Uzokwenzela khona. Noma yini Ayenzele noma ubani omunye, Uzokwenzela khona, uma nje uzokholwa kuphela. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Manje, Mfowethu Teddy, ngifuna udlale u*Kholwa Kuphela*.

252 Futhi njengoba lababantu bedlula emgqeni, khona-ke sizothola olunye uhlangothi. Sizodlula, sonke sibeke izandla kini, sinikhulekela, ukuthi izifo zenu zizophiliswa. Futhi kungenzeka. Kuzoba njalo. Futhi angazi ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani. Ngimile nje lapha khona manje, ngingazi ukuthi ngenzeni. Ngizokhulekela abagulayo njengoba ngethembise omunye umuntu ukuthi ngizokwenza. Ukukhulekela nje . . .

253 NgeSonto eledlule, khumbulani, nginitshelile. NgeSonto eledlule bekuyi—bekuyizambulo, nokunye nokunye. KuleliSonto ngizokhulekela abagulayo.

Asikhuleke manje.

254 Nkosi, simi lapha njengezinceku zaKho. Simi phambi kwabantu baKho. Silapha. Asazi ukuthi Uzokwenzani. Ungahle ukhulume ngezilimi. Ungahle uhumushe. Ungahle unikeze umbono. Ungahle ubangele mina ukuthi ngithathe isandla somunye, okwesambulo. Ungahle ukhulume futhi unikeze igunya, ukuthi, "Usho noma yini oyithandayo." Angazi ukuthi Uzokwenzani, Nkosi. Futhi mhlawumbe Ufuna sibeke izandla phezu kwabagulayo. Asazi ukuthi kuyini. Sifuna nje ukuKuthokozisa, Nkosi. Simile lapha, njengezinceku zaKho. Futhi laba ngabantu baKho, futhi sizama ukubasiza, ngokwalokho iZwi laKho elithi kwenze. Sizama ukulandela imiyalo yaKho. Futhi ngiyakhuleka kuWe, Nkosi, ukuthi Uzosipha lokho esikudingayo, ukukhonzisa kubantu, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

255 Ngifuna nonke nigebise amakhanda nikhuleke. Ngenkathi uMfowethu Wood, uma uzo . . .

256 Futhi, bazalwane abangabefundisi, ngikholwa ukuthi simile ngqo lapha. Bangaki olapho na? Abane benu lapha na? Kulungile. Ababili ohlangothini ngalunye lapho, futhi ngizoma ngqo enhlokweni yomugqa, khona lapha. Niyabo? Umzuzwana owodwa nje. Manje, ndawo zonke, woza ngapha, mfowethu, othandekayo. Manje, yilokho-ke, yima ngqo ngalapho manje, futhi lapho bedlula. Lonke ibandla . . . Manje, uma nina

bafana abancane beningahlehlela emuva kancane, ukuze bezokwedlula.

257 Manje, njengoba sonke sikhuleka, hambani niqonde ngqo ezihlalweni zenu—zenu-ke. Emizuzwini embalwa, ngizobiza ngakolunye uhlangothi.

258 Manje, nonke, hhayi kuphela abefundisi, kodwa, nonke nifanele nikhulekele lababantu. Awazi ukuthi uNkulunkulu angahle akwenzeleni ngenkathi usakhulekela omunye umuntu. Kungathiwani uma ubungasho into efanele na? Kuthiwani uma . . . Nangu owesifazane emi lapha, ogula kakhulu badingeka bamqukule. Kungathiwani uma umkhuleko wakho ubungaba into elungile, njengoba nje uBanks asho into efanele, njengoHattie washo into efanele na? Ungathini ukuba ubungasho into efanele, umkhuleko wakho, ukuba ubangele uNkulunkulu ukuthi ehle futhi enze okuthize na? Uyabo, lokhu akusuye nje umuntu oyedwa. Leli yiBandla likaNkulunkulu ophilayo, wonke umuntu. Niyabo? Manje, wonke umuntu akabe semkhulekweni.

259 Manje, ngabe lokhu yikho na? Mfowethu Banks, vele ungenise abantu bedlule. Omunye akame phakathi *lapha*, uma uthanda. Uphi omunye wabangenisi na? UMfowethu Byrd, basize besadlula, khona-ke. Mfowethu Banks, wena woza lapha, manje-ke, uma uthanda, lapha.

Masikhuleke.

Nkosi Jesu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .? . . .

260 Yebo, qhubekani nibaletha manje. Kwangathi bangaphulukiswa, njengoba sibeka izandla kubo! . . .? . . .

Wozani ngqo ngaphambili manje. Ngamunye wenu, khulekani manje! . . .? . . .

261 EGameni likaJesu Kristu . . .? . . . EGameni likaJesu Kristu, sibeka izandla . . .? . . .

Sijabule kakhulu uku . . .? . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .? . . .

262 Phulukisa abagulayo nabahluphekileyo, izindawo ezahlukene. Futhi sengathi bangabusiswa, Baba, kube udumo nenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

263 Manje qinisekisani . . .? . . . [UMfowethu Branham ukhuluma nomzalwane—Umhl.] Khona-ke uzobe usulungele, ngaleyonkathi na? Kulungile. Uma . . .

264 INkosi ikubusise, mfowethu. [Umfowethu uthi, "INkosi ikubusise. Ngivela e-Sweet Home, e-Oregon, Mfowethu Branham."—Umhl.] Awu, uvela e-Oregon. ["Futhi sizokubona e . . . "] San Jose. ["ESan Jose. Sibheke lapho."] Awu, kuhle kakhulu. UNkulunkulu akubusise. Ngiyethemba—ngiyethemba ukuthi kuzoba ngomunye wemihlangano emikhulu kunayo

yonke. [“Siyazi kuzoba njalo. Uma uNkulunkulu elapho, kuzofanele kubenjalo.”] Ngiyabonga—ngiyabonga—ngiyabonga, mfowethu. INkosi ikubusise.

265 Akufani lokhu neZulu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uma ucabanga, ushumayela iVangeli, nemiphefumulo iphakamisela izandla zayo kuKristu, abagulayo nabahluphekileyo bedlula emgqeni, izinkonzo zombhaphathizo, inhlanganyelo, ubuzalwane, lokho nje—nje okuncanyana kweZulu kwehlela phansi emhlabeni. Niyazi, si . . . ngizwa njengalokho abaphostoli abakusho ngalesosikhathi, “Kuhle kithi ukuba lapha.” Uma besinga . . . Asidingi kodwa iTabernakele elilodwa. Kodwa siyathanda ukuba lapha ngenxa yenkonzo kaNkulunkulu.

266 Manje, ngamunye wenu bantu eniza ngomugqa kulokhukusa, okhulekelwe, khumbulani nje, ukuthi uNkulunkulu ofanayo ovumele zonke lezizinto enizizwile zenziwa ezweni lonke, futhi ziyiqiniso, ziyiqiniso njengoba zingaba njalo. Futhi bonke laba befundisi abalapha, nalokhu okwenziwe enkonzweni yabo, okwenziwe enkonzweni iNkosi enginike yona, sime lapha ngobuqotho, ngazo zonke izinhliziyo zethu, sikhuleka, sibeka izandla kini, khona impela nje uJesu akusho. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Manje nje kuyi . . . Yinye kuphela into yokukuvimbela ukuthi kungenzeki, lokho kungaba ngukuthi wena ungakukholwa.

267 UJesu wathi, “Zanini kimi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, Ngizoniphumuza. Noma ngubani othandayo, makeze.” Manje kunendlela eyodwa kuphela yokuthi wena ukugeje. IZwi likaNkulunkulu liyiqiniso. Indlela eyodwa yokuba ukugeje, ayikafiki. Akunjalo na? Yileyondlela yakho yokukugeja.

268 UNkulunkulu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Yinye kuphela indlela yakho yokukugeja, lokho ngukungakukholwa. Uma uzolikholwa iZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu uzoligcina iZwi laKhe. Niyabona, uku . . . Lokho kungaba . . .

269 Lokho kungukuqala, okokuqala. Yileyondlela yokukhulekela abagulayo. Badlulise, beka izandla phezu kwabo, bagcobe, noma noma yini uNkulunkulu ayishilo, indlela. Kodwa emva kwakho konke lokho, ukuze uNkulunkulu akwazise ukuthi Uphakathi kwabantu baKhe, Ukhombisa izibonakaliso nezimangaliso. Futhi, niyabo, yizimanga nezimangaliso zikaNkulunkulu ophilayo, ukwenza izinto Azenzayo. Manje, Uyamangalisa. Anicabangi kanjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

270 Manje abazalwane bayalungiselela, phakathi lapho, i—inkonzo yombhaphathizo. Futhi ngizoshesha nje. Futhi manje, labo abazobhaphathizwa, abesifazane yanini egumbini. Ngabe kunjalo, abesifazane phesheya *lapho*? Abesifazane *ngapha*, futhi abesilisa nga*kulolu* hlangothi.

271 Ngenkathi sisalungiselela inkonzo yombhaphathizo, ngifuna ukufunda umBhalo, emizuzwini embalwa elandelayo. Futhi sizoba . . .

272 Ngiyazi ukuthi ezinye zezitho zenu zibophezelekile ukuba zibe buhlungu, ngenxa yokuma. Futhi uma ningama imizuzwana nje emide, nizobona ukubona okuhle uma nibona—ukucwiliswa kwalababantu.

273 Ngifuna ukufunda eminye imiBhalo manje etholakala eNcwadini yeZenzo, isahluko se 2, ngenkathi besalungiselela umbhaphathizo. Ngicabanga ukuthi babili kuphela noma bathathu abazobhaphathizwa; ngeke kuthathe kodwa umzuzwana nje. Futhi ngifuna nilalelisise manje. Ngizoqala ukufunda eZenzweni 2, ivesi lama 28, ngiqala, ukufunda.

> *Wangazisa i*ndlela *yokuphila*—izindlela *zokuphila* (kusebuningi); *u*yaku*ngigcwalisa ngokujabula* nasebusweni *bakho*.
>
> *Madoda, bazalwane, ake ngikhulume kini ngokusobala ngokhokho uDavide, ukuthi wafa nokuthi wembelwa, nokuthi ithuna lakhe lisekhona kithi kuze kube nanamuhla.*
>
> *Ngakho lokhu engumprofethi, . . .*

274 Bangaki abebazi ukuthi uDavide wayengumprofethi na? Impela. Wayengumhubi nomprofethi.

> *Ngakho lokhu engumprofethi, futhi* nolwazi *ukuthi uNkulunkulu wayefungile kuye ngesifungo, ukuthi* izinzalo *yokhalo lwakhe, ngokwenyama, uyakumisa uKristu ahlale esihlalweni sakhe sobukhosi;*
>
> *Ebona kusephambili wakhuluma ngokuvuka kukaKristu, ukuthi umphefumulo wakhe awushiywanga ehayidese, ne*nyama yakhe *ayibonanga ukubola.*
>
> *UJesu lo uNkulunkulu wamvusa, esingofakazi* ngalokho *thina sonke*.

275 Ngabe lokho akuzwakali njenganamuhla na? Singofakazi balezizinto. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngingasho, namhlanje ekuseni, "Hattie, nina nonke, singofakazi balezizinto."

> *Ngakho ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, . . . esamukele kuYise isithembiso*

*sikaMoya oNgcwele, wakuthulula lokhu enikubonayo nenikuzwayo.*

*Ngokuba uDavide akenyukelanga* ezulwini: *kepha yena* wathi, *INkosi yathi eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami.*

276 Niyakhumbula ngeSonto eledlule ukuthi sakhuluma kanjani ngabaprofethi, bonke labobantu abakhulu, ukuthi kwakufanele bafe kanjani na? Kodwa Oyedwa uyafika, iNzalo yobukhosi!

*. . . Hlala ngakwesokunene sami,*

*Ngize ngibeke izitha zakho zibeyisenabelo sezinyawo zakho.*

*Ngakho indlu yonke yakwa-Israyeli mayazi* impela, *ukuthi uNkulunkulu umenzile loJesu,* nina . . . *mbethela, kokubili iNkosi noKristu.*

*Manje sebekuzile lokhu* (ukuthi uJesu wayeyikho kokubili iNkosi noKristu); *manje sebekuzwile lokhu, bahlabeka* ezinhliziyweni *zabo, bathi kuPetru na . . . nabanye abaphostoli, Madoda bazalwane, siyakwenzenjani na?*

*UPetru wayesethi kubo, Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwe*sono*, khona* niyak*wamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.*

*Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, na*bo lowo o*kude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.*

*Wafakaza ngamanye amazwi amaningi wabayala, wathi, Zisindiseni kulesisizukulwane esiphambeneyo.*

Futhi *abalamukela izwi lakhe ngokuthokoza babhaphathizwa: kwanezelwa ngalowomuhla abantu kungathi izinkulungwane ezintathu.*

*Baqinisela njalo esifundisweni sabaphostoli, na*kukho *sekuhlanganeni, na . . . kuhlephuleni isinkwa, nange*mikhuleko*.*

*Kepha kwaba-yilowo nalowomuntu wehlelwa ngukwesaba: kwenziwe ngabaphostoli izimangaliso nezibonakaliso eziningi.*

*Bonke abakholwayo* babuthana *ndawonye, bahlanganyela izinto zonke* ngoku*fanayo.*

*. . . bathengisa ngemfuyo nangempahla, babela bonke ngayo njengokuswela kwabo.*

*Futhi bona,* njalonjalo *imihla ngemihla baqinisela nganhliziyonye ethempelini, . . . behlephula isinkwa ekhaya, badla ukudla kwabo ngentokozo nangobumhlophe benhliziyo,*

*Bedumisa uNkulunkulu, bethandeka kubantu bonke. INkosi yenezela ebandleni imihla ngemihla abasindiswayo.*

277 Manje ngenkathi beseza emanzini . . . Ungazise uma esefika, eya emanzini.

278 Ukuze wazi ukuthi umusa ozibusayo ubusa kanye noNkulunkulu, ngifuna ukubuyela emuva. Ngeke nje ngikwazi ukusiza ngokufaka enye into ngaphakathi. Benazi yini, labobafana ababili, labobantwana bowesifazane abasindiswa, uNkulunkulu wayekwazi lokho ngaphambi kokusekelwa komhlaba na? Futhi amagama abo empeleni afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. IBhayibheli lisho lokho. Futhi bekufanele kuphela kusebenze kuze kube yilomzuzu.

279 Benazi ukuthi, uNkulunkulu wayazi ukuthi sizobe simi lapha, eminyakeni eyizigidi eziyishumi ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe na? Niyazi, Wayazi ukuthi sizobe simi lapha, kulokhu ukusa. Ubukhulu obungapheliyo bukaNkulunkulu babazi yonke impukane, yonke imbuzane, isikhathi sonke ezicwayiza amehlo azo ngaso, nokuthi ziyokhiqiza unwali olungakanani. Ngaphambi kokuba umhlaba ubunjwe, uNkulunkulu wayekwazi.

280 Manje, wena uthi, "Awu, uma Ekwazi, pho kungani ushumayela na?"

281 Lowo nguNkulunkulu, ingxenye yohlelo lukaNkulunkulu. Ukushumayela uhlelo lwaKhe. Ngenkathi ebuka phezu kwabaphostoli . . . Wabuka phezu kwesivuno. Wathi, "Isivuno sesivuthiwe, futhi izisebenzi ziyingcosana. Nxusani iNkosi yesivuno, ukuba ithumele izisebenzi esivunweni saYo." Bangaki abakukhumbulayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, kungani babefanele banxuse iNkosi yesivuno, ukuba ithumele izisebenzi esivunweni saYo, uma iNkosi yesivuno ibimi lapho, yazi ukuthi bekuzokwenziwa na? Kungani? UNkulunkulu ukuhlelile kakhulu, ukuthi abaKhe . . . Manje lalelani lokhu. UNkulunkulu ukuhlelile kakhulu, ukuthi uhlelo lwaKhe lungekwazi ukuhamba ngaphandle kwakho nami. Futhi inqobo nje uma singenzi lokho uNkulunkulu asiholela ukuba sikwenze, sikhubaza uhlelo lwaKhe. Kepha uma iBandla lihamba ngogcobo lukaMoya oNgcwele, khona-ke sisentandweni kaNkulunkulu, senza uhlelo lwaKhe. O! Lapho nje ngibuyela eCalifornia, iNkosi ithanda . . .

282 Okudingwa yiTabernakele likaBranham yimvuselelo. Amen. Badinga imvuselelo nokugcwaliswa kukaMoya oNgcwele. Manje leso yisidingo esikhulu setabernakele. Abanye babantu abahle kunabo bonke emhlabeni beza lapha, kepha abakudingayo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngiyakuzwa, ngingakusho. Futhi masinyane nje lapho sibuyela emuva, uma iNkosi

ithanda, sizoba nemvuselelo ngayo kanye leyonhloso, ukuze amalungu alelitabernakele, lapho abantu abebefuna uMoya oNgcwele, bangahle bangene, bathole imiyalo nakho konke okunye. Imihlangano yemikhuleko phakathi lapha, ukwemukela uMoya oNgcwele, ukuthi ibandla lingahle libuyele emuva entandweni kaNkulunkulu, futhi liqhubekele phambili nohlelo lukaNkulunkulu, njengoba liqhubekela phambili.

INkosi inibusise. Ngiyakholwa ukuthi sebelungele manje echibini.

283 Thathani lokhu, futhi khona-ke ngizongena lapho futhi ngikhuleke kanye nabo . . .? . . .

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


Voice Of God Recordings

P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.

www.branham.org